

IZIBONAKALISO

ZANGOKOMBHALO ZESIKHATHI



Siyakubonga ngalokhu. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana, senzele umkhuleko.

Baba waseZulwini onomusa kakhulu, sisondele esihlalweni saKho sobukhosi nobukhosi, kulobubusuku, eGameni likaJesu Kristu. Sazi lokhu, ukuthi sinesiqiniseko ukuthi Uzosizwa. Asinalo elinye igama esingaqinisekiswa ukuthi Uzosizwa kulo, kepha Wathi, “Uma niyocela eGameni laMi...” Ngakho, sikhulekela ukuthi Uzosemukela singene eMbusweni waKho, kulobubusuku.

Futhi kwangathi singahamba lapha, sithi, njengalabo ababevela e-Emawuse, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?” Baba, sicabanga ngalabo kulolo olukahle, olokuqala, ukusa kovuko okuhle; uJesu ephila futhi ephakathi kwabantu; futhi nokho bona (abanye, ababeMthanda), abakuqondanga.

Kukanjalo nanamhlanje ebusuku, Nkosi, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye: Usaphila futhi uphakathi kwethu, nabantu abaningi abakuqondi. (Nakuba lawomadoda ebefanele akuqonde, bayazi umBhalo wathi Ubeyovuka.) Kodwa, Baba, ngiqagele izidalwa ezingabantu nje. Sixolele, Nkosi. Futhi siyakhuleka, manje, ukuthi umusa waKho uzosenela, kulobubusuku.

Futhi yipha izibusiso zaKho phezu kwabobonke abalindile nalabo abangaphansi kokulindela ngokuphiliswa kwabo kwenyama. Yipha, Nkosi, kuzoba khona, kulobubusuku, ukuthi bangafinyelela ngokukholwa futhi baKukholwe. Sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

Mfu. Jack Moore, ngabe usesakhiweni na? Mfu. Jack Moore? Uyafunwa esitendeni sezincwadi khona manje, Mfowethu Jack Moore.

Siyajabula ukuba lapha kulobubusuku, futhi, enkonzweni yeNkosi. Futhi ngokulindela okukhulu sikhulwa ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nathi phezu komhlabathi ukuthi si... Asethembise ukhulungana nathi kuwo.

Manje, asizisho ukuba nanayimaphi amandla. A—angikholwa ukuthi sinamandla okuphilisa abagulayo. Asinawo amandla, kodwa sinegunya. Niyabo? Akusiwo amandla.

Asithi, isibonelo nje, yi—yiphosa limi phandle emgwaqeni. Lisinda amaphawundi ayikhulu neshumi. Futhi nakhu kuza lonke uhhide lwesiminyaminyanya sezimoto nga—ngamamayela angamashumi ayisishiyagalombili ngehora, izinjini ezinamandla ehhashi angamakhulu amathathu kuzona, futhi zibhuza zehla ngomgwaqo, izinjini ezinamandla ehhashi angamakhulu amathathu. Ngani, lowomfo omncane akanawo amandla ukumisa eyodwa yazo, kodwa yekela lelobheji licwebezele futhi aphakamise isandla sakhe: lalela amabhukeli eklwiklwiza, zibuke zishelela emaceleni. Akusiwo amandla akhe azimisayo, yigunya lakhe.

Nebandla linegunya elivela kuJesu Kristu. “Bayakukhipha odeveli ngeGama laMi; bakhulume ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka; noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla kwabagulayo, bayakusinda.” Leli igunya laKhe elinikeziwe.

Manje, kungathiwani uma leliphoyisa elincane elifanayo liyasaba ukuphakamisa isandla salo bese lime lithi qekelele kulesisiminyaminyanya sezimoto na? Kungcono akhumule umfaniswano, abuyisele ibheji, ngoba akasoze aba yiphoyisa.

Nathi asisoze saba amakholwa, inqobo nje uma sisasaba ukusebenzisa igunya lethu esiliphiwe nguJesu Kristu. Sinokunqoba. Asidingeki ukuba nayikuphi . . . asidingeki ukuba silwele ukunqoba, sesivele sinokunqoba. Wasinqobela, hhayi thina; Wasinqobela. Asisiye uMnqobi onaMandla, UnguMnqobi onaMandla.

Manje khumbulani, kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, lobubusuku obuthi abube bubili . . .

Kuyadabukisa nje ukugijimela edolobheni elinjengaleli, futhi nje waziwe, uxhawule, uhambe. Futhi lokho a—lokho akukahle kubantu. Akukahle enkonzweni, ngempela akukahle, ngoba inkonzo ikancane ngasohlangothini olungavamile, futhi nje unobusuku noma obubili, uku, cishe ubusuku obubili, ukukwethula, bese-ke ngiqala ukukhulekela abagulayo. Nabantu bagijimela enhla emgqeni womkhuleko, bengazi impela ngisho ukuthi bazela ini, ngokuphuphutheka nje begxumela kukho. Kumele kunekwe obala futhi kukhonjiswe ngokomBhalo, iZwi ngeZwi, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Futhi lokho kuqinisile. Umlayezo wehora eNzalweni yoBukhosi ethembekile kaAbrahama ngoJesu Kristu.

Ngokuba siyizindlalifa noAbrahama, ngokwesethembiso. Njengoba singezikaKristu, siyiNzalo ka—Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye esithembisweni, iNzalo yoBukhosi; kungesiyo inzalo ngoIsaka, owayengowemvelo, ngocansi. UJesu wayeyi—wayeyiNzalo ngale kocansi. Wayeyi . . . WayenguNkulunkulu qobo lwaKhe. Asisindiswa ngegazi labaJuda, futhi asisindiswa ngegazi loweZizwe. Wayengesikho

kokubili umJuda noma oweZizwe. WayenguNkulunkulu. Wayengelutho, engasilele ngalutho kuNkulunkulu. Niyabo? Waye...

Siyazi ukuthi Wakhulelwa esibeletweni, ivir-... sentombi, uMariya. Wayeyisifukamelisi. Akazange... iqanda kwakungesilona elakhe, nokukodwa, lelo kwakungesilo iqanda lakhe, futhi kwakungesiyo imbewu yendoda, noma imbewu yowesilisa; okuyihemoglobin, okuyingqamuzana legazi, isebulilini besilisa; siyakwazi lokho. Isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma besikade singenanyoni yesilisa, alisoze lachamusela. Sifanele sibe nenyoni yesilisa, kuqala. Owesilisa uphethe i-ingqamuzana legazi, nokuphila kusegazini.

Futhi Lona kwakunguNkulunkulu, qobo lwaKhe, Yena, so-... Manje, iProtestane likholwa ukuthi iqanda lalingelikaMariya. Iqanda ngeke lakhiqizwa ngale kokuvuka kwemizwa. Ngakho ubungenza uNkulunkulu enzeni, khona-ke na? Niyabo? UNkulunkulu wenza kokubili iqanda nengqamuzana leGazi.

WayenguNkulunkulu, inyama kaNkulunkulu. Sibone uNkulunkulu, saphatha uNkulunkulu ngezandla zethu. "Ngale kokuphikisana inkulu imfihlakalo yobunkulunkulu: ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa izingelosi, waphathwa lapha emhlabeni, wamukelwa phezulu wangena eNkazimulweni." Ngakho, siyathola kulokhu, manje, ukuthi WayenguNkulunkulu enziwe inyama. Watabernakela phakathi kwethu. Wa—Washintsha isikhundla saKhe esikhulu esuka ekubeni omkhulu OPhakade, njengoba sikhulumile izolo ebusuku, Wayeyingxenywe engehlukaniseki yomcabango waKhe uQobo. Wabaphansi lapha, futhi waba uMuntu ukuhlenga umuntu.

Ngani, yindaba ethandeka kakhulu. Angiboni ukuthi abantu bake bahlale kanjani beyisoni futhi—futhi—futhi bazi ukuthi: Ukuthi uNkulunkulu waba kanjani ngomunye wethu. Kuchazwe ngesifanekiso kahle kakhulu lapho, bengingathanda kanjani ukukushumayela kini, kuRuthi noNawomi: Ukuthi Waba kanjani u—uMhlengi oyiSihlobo, wayefanele abe nguMhlengi, futhi kwakufanele kube izihlobo. Nokuthi kanjani uNkulunkulu, eseMoyeni, wayengeke abe umndeni kithina, futhi Waba umndeni kithina. Ngenkathi uNkulunkulu enze umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, wayengumuntu ongumoya, futhi kwakungekho muntu ukulima umhlabathi. Manje-ke, Umbeka emhlabeni emva... emizweni emihlanu. Wamenza isilwane esinoMoya kaNkulunkulu kuye. Manje, singukuphila kwesilwane. Siyakwazi lokho. Siyisilwane esincelisayo. Isilwane esincelisayo, isilwane esinegazi elishisayo. Bese kuthi-ke, uNkulunkulu wehla esimweni somuntu, njengoba umuntu athatha isimo sikaNkulunkulu, kwase kuthi-ke uNkulunkulu wathatha isimo somuntu, ukuhlenga umuntu abuye emuva,

ohlengiwe. O he, isithombe esihle kanje—kanje pho, kanjani. . . Into emangalisa kanje pho esinayo.

Manje, kulobubusuku, inkonzo emfushane nje. Nginibambe isikhathi eside izolo ebusuku. Emva kwelesishiyagalolunye nqo, ngiqaphele abantu beqala, oyedwa esukuma, ehamba lapha, ephuma. Ngani, niyabo, lokho kuyaphazamisa. Kuyathikazisa emhlanganweni. Futhi uma kwenza, akusilo iphutha lakho, mhlawumbe ubufanele ubambe ibhasi noma okuthile, futhi ufanele ube lapho. Ngiyazi ukuthi lokho kuchaza ukuthini. Ngizozama ukuphuthuma.

Manje, kusasa ebusuku, uma uNkulunkulu ethanda, ngifuna ukuthatha indikimba yobuvangeli futhi ngishumayele kini kusasa ebusuku, iNkosi ithanda.

Kulobubusuku, ngifuna ukufunda omunye umBhalo futhi nje nginikeze izicaphuno ezimbalwa, ukusekela nje kancanyanyana. Ngoba, aniqondi uMlayezo, futhi nonke ninjalo, ngokuzenzekelayo wonk'umuntu, niyizihambi kimi, futhi ningazi lutho mayelana noMlayezo, bese kuthi—ke ningazi ukuthi konke lokhu kumayelana nani, nivele nifinyelele kukho ngokuhlofuhlofuza nje.

Ngifuna niqonde: Isithembiso sikaNkulunkulu ngalolusuku! I—izinsuku zikaWesley bezingayikusebenza namuhla. Izinsuku zikaLuther. . . Kwakuyini indaba nga—ngamaLuthela na? IWeseli lathola ukuthi babephila ekubenezeleni kokukhanya kweLuthela futhi uNkulunkulu wavusa uWesley. Futhi yini indaba—kwakuyini indaba ngeWeseli na? Babephila ekubenezeleni kukaWesley ngenkathi iPhentekoste ivuka. Manje, yini indaba ngePhentekoste na? Liphila ekubenezeleni kwePentecostal.

Ukubenezela ukubonisa kokukhanya, njengokukhohlisa kotalagu emgwaqeni. Yilapho okukade kukhona ukukhanya futhi kwabonisa ukukhanya kwakho. Lokho kwakuyinto efanayo, ukuthi banqaba uJesus. Babephila ekubenezeleni kokunye ukukhanya, bokukhanya komthetho. Futhi banqabile, noma, bahlulekile ukubona uMesiya, ngenkathi abaprofethi babo uqobo batshelwa khona impela Ayokwenza, ukuthi Uyokhonjwa kanjani. Futhi Wayelapho, ngayo impela nje indlela abathi Uyoba ngayo. Futhi nokho bahluleka ukuMbona ngoba babephila ekubenezeleni kolunye usuku.

Ngiyazibuza namhlanje, bangane, “Isimo sakho samanje siyokukhomba kanjani nabanye balabobalingiswa eBhayibhelini na?” Manje, cabanga ngakho. Bonke labo baFarisi nabaSadusi namaqembu amakhulu ezenkolo, nokuthi babeyisitashi kanjani futhi bebakhulu kanjani. Manje, cabanga nje. Ubuyothatha luphi uhlangothi ukuba uJesus ubesemhlabeni na? Hhayi ngisho, alikho ibandla ebelingaMngenisa kulo, akukho muntu, kodwa abangani abambalwa nje. Manje, niyazi

ukuthi lokho kuyaprofethwa futhi ngezinsuku zokugcina na? Kunjalo.

Futhi benazi, futhi, ukuthi ngalolosuku Wayefanele abe ngongafundile, umuntu ozalwe ngaphandle komshado na? Benikwazi lokho na? Benazi ukuthi Wayefanele abe indoda ephambanayo emqondweni waYo na? Ngolunye usuku, Washo kubafundi (waqalaza, kwakunabangingi ababenaYe), Wathi, “Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kinina.”

Manje, nicabanga ukuthi udokotela noma usosayense noma—noma othize ohlakaniphile, isihlakaniphi besingacabanga ukuthini na? “Lowomuntu uyizimuzimu futhi uzama ukusithola sonke singamazimuzimu. Aphuze igazi lomuntu na? Adle. . . ?”

Akazange akuchaze. Wayengadingeki ukuba akuchaze. Eyangempela, eyangoqobo, iMbewu emiselwe ngaphambili iyokubamba. (Wakukhombisa kulowo wesifazane omncane esikhulume ngaye izolo ebusuku; nakuba esimweni sakhe, wayesanda kuthola ukuthi kwakuyini, masinyane.) Futhi Washo (Manje-ke wayenamadoda angamashumi ayisikhombisa Ayewabizile, ngokuba, “abafundi.”), Wathi, “Niyakuthini uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela lapho Eyavela khona na?”

“Yenyuka na? Siwubonile umbhede wengane ozwibekayo Ayeyendzela kuwo. Siyamazi umama waKhe. Siyawazi umkhombe Azalelwa kuwo. Singabasemzini. Udoba kanye nathi, nokunye nokunye. Ungubani lomfo na? Ngani, si. . . ” Awu, lokhu kwakulukhuni kubona ukuba bakholwe, futhi bamuka.

Manje-ke Wathi kwabayishumi nambili, “Ngikhethe abayishumi nambili benu, futhi omunye wenu ungudeveli.” Wayesethi kubona, “Niyafuna ukuhamba, nani na?” Manje, Akazange aKuchaze. Akazange abatshela ukuthi yayiyini inyama yaKhe nokuthi laliyini iGazi laKhe. Akazange abatshela ukuthi Wehla kanjani nokuthi Wayezonyuka abuye emuva kanjani. Kodwa bhekisisani, ngasosonke isikhathi, labobafundi bebengeke baKuchaza nabo, kodwa baKukholwa. Babengeke baKuchaze. Babegcotshelwe kulokho kuPhila. Babengeke baKuchaze.

UPetru wathi, “Nkosi, siyakuya kubani na?” Babewazi uMlayezo wehora; babazi ukuthi kwakufanele kubeyini. Bathi, “Siyazi ukuthi Wena, futhi Wena kuphela, uneZwi lokuPhila, ayikho enye indawo esingaya kuyo.”

Bengingayaphi, kuyiphi indawo namhlanje, ngaphandle uma ngiye kuKristu, iBhayibheli na? Ungu—Ungu—UnguMthombo ongenakuqedwa kaNkulunkulu; uma ukha kuWo kakhulu, uba freshi futhi Ubangcono.

Manje, uma nithanda, ngifuna ukufunda indikimba encane kulobubusuku, noma, usifundele omunye umBhalo. Bese kuthi-

ke sizoqonda ngqo emlayezweni (futhi sizame ukuphuma lapha ngelesishiyagalolunye, noma emva kancane, uma konke kungenzeka), nalokho nje kuzoba cishe yimizuzu engamashumi amathathu noma, amathathu-nanhlanu.

Ake sime, sisaphenya kuMathewu oNgcwele 12. Isahluko 12 sikaMathewu oNgcwele, siqale ngevesi 38, sisakhothamisa izinhliziyozethu ngenhlonipho yokuzithoba.

Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.

Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso; kepha... asiyikunikwa-sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:

Ngokuba njengalokho uJona wayesisiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba-senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

...ndoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, ... asilahle: ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoJona.

Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emkhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.

... bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.

Asikhuleke.

² Nkosi, *bhekani* kusho ukuthi “bhekani phezulu ku, nakani.” Asikhumbule kulobubusuku, lamaZwi, ukuthi, “Omkhulu kunabo bonke ulapha,” iNkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Sicela lesisibusiso, ukuthi Uzothatha lamaZwi futhi aWagcobe ezinhliziyweni zabantu, ukuze babe nokukholwa, bese ezibonisa Yena uqobo ephila njengoba Ethembisa ukuba njalo, “Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube ngisho nasekupheleni kwezwe, noma ukupheleliswa.” Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

³ Sizokhuluma nje imizuzwana embalwa ngokuthi: *Izibonakaliso ZangokomBhalo ZesiKhathi.*

⁴ Manje, uJesu lapha wayesola lesosizukulwane ngoba babengasikholwanga isibonakaliso saKhe somBhalo. Bhekisisani lababaFarisi. Beza kuYe base bethi, “Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esivela kuWe.” Bhekisisani ubumpumputhe babo. Isibonakaliso sase sivele senziwe futhi abasiqondanga.

⁵ Niyazi, ngikholwa ukuthi ngoluny'usuku uHlwitho luyokwenzeka nabantu abayikwazi lutho ngalo!

⁶ UJesu wathi, kuMathewu oNgewele isahluko 11, ngenkathi uJohane wayeze. . . Noma, abafundi bakhe babeze ukuzoMbona, futhi babuyela emuva. Wayesethi, “Naphuma ukuyobonani na? Umhlanga untengantengiswa ngumoya, noma umuntu ombethe ingubo ecolokileyo na? Noma naya ukuyobona umprofethi na?” Wathi, “Ngithi umprofethi ngempela! Manje uma ningakwemukela, ngani, nguye lo okwakhulunywa ngaye ngom—mprofethi, ethi, ‘Ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso baMi.’”

⁷ Ngoluny'usuku, abafundi baMbuza, bathi, ngenkathi Ekhuluma ngaYe eyiNdodana yomuntu; wathi, “Yini pho ababhali bathi uEliyase umele ukufika kuqala na?”

⁸ Manje bukani, kuMalaki isahluko 3, washo ukuthi, “Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi,” uJesu wabhakisa kulwomBhalo. Hhayi uMalaki 4, manje; lesi ngesinye isikhathi. Niyabo, uMalaki 3 wayengesinye isikhathi, “Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.”

⁹ UMalaki 4, uma efika, khona-ke umhlaba uzoshiswa, nabalungileyo baphume bahambe phezu kwemilotha, ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, futhi asizange sikwenze lokho emva kokufika kukaJohane. Kodwa kuyoba semva kokufika kwesithunywa sosuku lokugcina esiyobuyisela izinhliziyi zabantu zibuyele eVangelini lasekuqaleni, ukuKholwa kobaba bangasekuqaleni, uhlobo ababenalo e—eBandleni elisha eJerusalema. Nalokho kuyobuyiselwa ngezinsuku zokugcina, e. . . Liyoba sequjini eliyngcosana ngesibalo, kodwa nje liyoba wuhlobo olufanayo lwesimilo njengoElija noJohane, bobabili abathandi behlane, “abazonda abesifazane,” nakanjalo, nabaqhumisi behlelo. Futhi nje kuyoba wuhlobo olufanayo lomuntu, kodwa abe neQiniso, eliqinisekisiwe, iQiniso elikhonjiwe. Lithenjisiwe.

¹⁰ Manje, siyazi ukuthi uJesu waphenduka wayesethi kuye, “UEliyase usefikile vele, futhi anikwazanga.”

¹¹ Manje bekungedabukise yini impela, ngolunye lwalezizinsuku, uma sithola ibandla ngale esikhathini sokuhlupheka na? Manje angikho lapha ukuba ngishumayele imfundiso. Angikwenzi lokho. Ngiyabahlonipha abafowethu. Kodwa uma nizongithethelela, mangijovele lokhu umzuzwana nje. Mina, ngesingami qobo lwami, impela, ngikholwa ukuthi ibandla ledlula kuso isikhathi sokuhlupheka, kodwa hhayi uMlobokazi. E-hhe. UMlobokazi uya eKhaya. Niyabo, uNkulunkulu ukhipha uMlobokazi ebandleni, njengoba Akhipha isizwe esizweni, eGibhithe. Niyabo? UMlobokazi, leyo yinsali yenzalo yowesifazane, abaKhethiweyo. Lowo ngumsebenzi waKhe lapho Ebeka khona iphethini, kodwa

insali yileyo esikwa ephethinini. Inzalo yowesifazane yayisebumnyameni obungaphandle, kunjalo, kodwa hhayi—hhayi iBandla elikhethiwe. Li, seLivele lehlulelwe futhi lahlanzwa, ngoba LikuKristu. Alidingi ukuba ledlule kunoma yini enye. Amanye lizofanele ledlule kukho ukwehlulelwa ngoba ayengekho phakathi.

¹² Manje, ngolunye lwalezizinsuku, leyongcosana encane ngesibalo, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho imiphefumulo eyisishiyagalombili wasindiswa ngamanzi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Emihleni kaLoti, lapho imiphefumulo emithathu yasindiswa khona emlilweni, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

¹³ Babheke into ethize yomhlaba wonke enkulukazi, ibe ingekho ngisho nasemBhalweni. Niyabo? Ngolunye lwalezizinsuku, bazothi, “Awu, bengicabanga ukuthi iBhayibheli lathi ibandla liyophunyuka kukho konke lokhu?” UMlobokazi uyaphunyuka kulokhu.

¹⁴ Futhi cabangani nje, emva kokuba uNowa . . . “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa.” UNowa wangena emkhunjini nomnyango wavalwa. Wangena ngoMeyi ziyishumi nesikhombisa, nomnyango wavalwa, futhi alizange line izinsuku eziyisikhombisa emva kokuba wayesengene emkhunjini. “Futhi abakwazanga.” UNkulunkulu wavala umnyango.

¹⁵ Futhi ngolunye usuku umnyango wesihawu uzovalwa. Nabantu bayoqhubeka ngqo becabanga ukuthi bayasindiswa, futhi beshumayela, kanjalonjalo, futhi isihawu sesivele sideleliwe isikhathi saso sokugcina, futhi bengasazi size silahleke.

¹⁶ Khumbulani, kunamakhulu abantu alahlekayo, nsuku zonke, esingenakubathola noma sizilande ngabo, umhlaba jikelele. “Kuyoba noyedwa ensimini, Ngiyothatha oyedwa, oyedwa e . . . Bebabili embhedeni, futhi Ngiyothatha oyedwa.” Umhlaba wonke, ngakho akuyikuthatha abanengi kakhulu ukwenza lokho kuphunyuka, uMlobokazi ohlwathiwe. Khumbulani izibonakaliso.

¹⁷ UIsrayeli wayethembele njalo ezibonakalisweni zabo esikhundleni sezinkulumo zobuhlakani. Babefanele. UNkulunkulu wabathumela abaprofethi. Abaprofethi banikeza izibonakaliso.

¹⁸ Futhi izibonakaliso, njalo uma kunesibonakaliso, isibonakaliso sangokomBhalo, kuzofanele kube nephimbo langokomBhalo elilandela lesosibonakaliso sangokomBhalo. Futhi kufanele konke kube ngokomBhalo, othenjisiwe.

¹⁹ Ngakho, niyabo, ningena enkambisweni. NjengoLuther ekulungisisweni, yilokho ayekwazi; yilokho kuphela, benelisa, futhi behlela ngqo emfundisweni yabo. Nakhu kufika uWesley nokungcweliswa, waqhubeka ngqo wayedlula; wayesehlela-

ke. Sekufika iPhentekoste nokubuyiselwa kweziphiwo; futhi bahlela. NoNkulunkulu uqhubekela phambili ngqo, uqhubeka aqonde ngqo, ngaso sonke isikhathi, niyabo, okosuku nosuku, uNyaka weBandla ngamunye.

²⁰ Ninesithombe esimangalisayo lapho, kulobubusuku, esiya kuleyoncwadi, seminyaka emithathu, ukuthi iNkosi ingivumele kanjani ngikudwebe kugqame ebhlekhhodi, futhi ngikhombisa nje ukuthi imiNyaka yeBandla yayizohluleka kanjani, nokuthi nini nokuthi yayizokwehla-yenyuke kanjani. Futhi kwathi nje lokho kungaphela, leyoNgelosi enkulu yeNkosi, lokho kuKhanya, ngaphambi ngempela njengabantu abaningi abahlezi lapha, kuza ngqo ohlangothini lodonga, kumi lapho. Nabantu bequleka. Futhi kwakudweba kwagqama ngqo, qobo lwaKho, odongeni. Iminyaka emithathu kamuva, inyanga yabamnyama yase iphuma ngqo, impela nje, osukwini . . . ngaphambi nje kokuba uphapha, uphapha wokuqala, aye eRoma.

²¹ Futhi uma ibandla nomkhandlu wenkolo yobukristu sekulungele . . . O, mfowethu, dadewethu, ningangiqalisi kulokho. Sikhona lapha ekupheleni, zonke izibonakaliso, yonke into ibekwe nje kahle.

²² UNkulunkulu unikeza izibonakaliso, izibonakaliso zangokombhalo, izibonakaliso zangokombhalo zephimbo. Khumbulani ngenkathi uMose . . . Sinikelwa ini isibonakaliso na? Singukuheha ukunaka. Isibonakaliso singukuheha ukunaka. Manje-ke uma isibonakaliso singenaphimbo, khona-ke isibonakaliso asilungile. Futhi uma isibonakaliso sinikeza iphimbo lobufundisi elidala elifanayo, lesosibonakaliso asiveli kuNkulunkulu, uma lelophimbo lingenalo ushintsho. Naloloshintsho lufanele lube yisibonakaliso sangokombhalo, lufanele lube yiphimbo langokombhalo.

²³ Asithi, isibonelo nje, iphimbo lakhe lehlelo lalandela isibonakaliso esithize; uNkulunkulu akazange akuthumele lokho. Besinehlelo yonke leminyaka. Kufanele kube nento ethize ehlukele. Kufanele kube ngu ISHO KANJE INKOSI emBhalweni. UNkulunkulu uzokuthembisa ngeZwi, bese kuthi-ke isibonakaliso sizohela ukunaka kwabantu kuso. Bese kuthi-ke iphimbo lilandela isibonakaliso, leyo yimfundiso ehambisana nakho.

²⁴ UJesu wayenguMuntu ocatshangwa kangcono. Wayengurabi osemusha, umprofethi waseGalile. Yena, ngenkathi Wayephilisa abagulayo, kanjalonjalo, WayenguMuntu omkhulu. Kodwa ngolunyusuku, Uhlala phansi, Uqala ukuxoxa futhi uyabatshela, “Mina noBaba simunye.” Lelo kwakuyiphimbo elasilandelayo. O, qhabo, babengakufuni lokho. Babelungele isibonakaliso, kodwa iphimbo babengalifuni. “Nxa nibona iNdodana yomuntu yenyukela phezulu lapho Evela khona,” abakwazanga ukukubona lokho nhlobo. Niyabo?

Kodwa ngenkathi iphimbo liqala ukulandela isibonakaliso, babengafuni ukuzihlanganisa ngalutho nakho. Njalo isibonakaliso nephimbo!

²⁵ Isizathu sokuba uMose akhumula izicathulo zakhe, isibonakaliso saheha ukunaka kwakhe. Wabuka laphaya wayesekubona lokho, lowomuthi uvutha.

²⁶ Manje, wayengusokhemese. Wayengusosayense omkhulu. Wayefundiswe kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe. Futhi benze izinto esingeke sazenza namhlanje, kwisayense; bakha isivivane, amakhanda amabhushi aqoshwe ngamatshe, benoketshezi lokugqumisa esingenalo thina, ukwenza umbala esingenakho thina. Kwakuyimpucuko enkulu kakhulu ngaleyonkathi, nabafundiswe kakhulu, kunoma sinjalo thina namhlanje. NoMose wayengungqondongqondo phezu kwabo. Futhi ngenkathi ebona lowomuthi uvutha, ungashi ulothe, akungabazeki kodwa ukuthi washo, he, enhliziyweni yakhe ngahle ukuba wathi, “Ngizoya ngale besengicosha ambalwa alawomaqabunga bese ngiwehlisela endlini yokusebenzela isayensi, futhi ngibone ukuthi sithako-sini afuthwe ngaso.” Ukuba wayenze lokho, iphimbo lalingeke neze likhulume kuye.

²⁷ Ungeke wamfanekisa uNkulunkulu. Ufanele uhlale phansi eceleni kwaKhe bese nikuxoxisana. Khumula izicathulo zakho, njengoba kwakunjalo, uyibeke phansi imfundo yakho. Buka ngqo eZwini laKhe, bese uthi, “Angikhathali ukuthi omunye uthini. Wena ukwethembise lapha okwalolusuku, futhi kuyiQiniso.” UMose wakhumula izicathulo zakhe.

²⁸ Bhekisisani iphimbo elivela kukho. Ukuba kwakukade kungesilo iphimbo langokomBhalo, uMose wayengeke alikhohle. Isibonakaliso saheha ukunaka, nesibonakaliso sasizoheha ukunaka komprofethi.

²⁹ Umprofethi, qobo lakhe, uyisibonakaliso. Uma uNkulunkulu ethuma umprofethi, xwaya, ukwahlulela kuyasilandela; bekuhlala kunjalo, kuyohlala kunjalo. Ayikho indlela yokukugegela. Futhi kwe—kweqa ngqo phezu kwabantu, futhi abakwazi neze kuze kube kude kakhulu. Akumangalisi uJesu athi, “Nakha amathuna abaprofethi, nase niwacaka, kodwa, futhi yini enabafaka lapho. Futhi njengoba kwenza oyihlo, nani niyokwenza.” Futhi bakwenza.

³⁰ Manje siyakubona kuza enkundleni manje, sibona uMose esukuma lapha. Futhi usibonile lesosihlahla, futhi wasondela eduze kwaso. Nephimbo livela kuso, lathi, “Khumula izicathulo zakho, ngokuba lendawo omi kuyo ingcwele.” Wakhumula izicathulo zakhe wayeseguqa phansi. Wayesethi, “NginguNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, noJakobe.” Nakho kufika iphimbo langokomBhalo. “Futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi, futhi Ngiyazibona izinhlupeko zabantu baMi. Ngiyasikhumbula isithembiso

saMi, futhi Ngiyakuthumela ezansi lapho ukuba ukwenze. Futhi Ngenza wena ube njengephimbo laMi.

³¹ “Futhi Ngizokunika izibonakaliso ezimbili. Nesinye sazo siyoba sesandleni sakho, futhi uyothatha futhi uphendule inyoka ibe yi . . . noma isigxobo enyokeni.” Ne—nento elandelayo, ngukuba afake isandla sakhe esifubeni sakhe, nokuphilisa kukaNkulunkulu. Wathi, “Uma bengayikulikukholwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, khona-ke bayolikholwa iphimbo lesibonakaliso sesibili. Futhi uma bengayikukholwa, uthathe amanzi emfuleni, uwathululele emhlabathini, futhi ayophenduka igazi. Lokho kungukuthi, igazi labo selivele liphuziwe kuhle komuthi kuwo-ke. IGibhithe seliphelile.”

³² Sibe naso esokuqala, futhi sathola esesibili. Angazi noma esilandelayo asisiko yini esokuphuzwa kwegazi. Angazi ukuthi ngabe simi kuphi, kulobubusuku na? Amaphimbo nezibonakaliso, uNkulunkulu ebanika izibonakaliso. Qhabo, nje—nje cabangani ngokuthi zinjani izinto esizibone zenziwa, amaPhimbo angokombhalo, ukuhunyushwa.

³³ Manje lokhu ukubenezela okukhulu abantu abalele phansi kwakho, amehlo abo axhophekile, “Ngingowaleli. Ngingowalelo.” Lokho akuhlangene ngalutho noNkulunkulu kunalutho olunye, lutho nhlobo.

³⁴ UNkulunkulu, kuzo zonke izizukulwane uthumele izibonakaliso zaKhe. UJesu washo, ngaphambi kokuFika kwaKhe ukuthi Uyobonisa izibonakaliso, ngaphambi kokuFika kwaKhe. Abantu njalo, bayakhumbula, ukukholwa yizibonakaliso zangokombhalo. Zifanele zibe yizibonakaliso zangokombhalo ezikhonjiweyo. UNkulunkulu njalo . . .

³⁵ Njengoba ngishilo izolo ebusuku, ibandla lithola izinto zixovekile futhi zaphuma, bese-ke Egcobra umuntu oyedwa. Wonke umuntu uyehluka komunye. Ugcoba oyedwa. UNkulunkulu munye, futhi ngakho Ugcoba umuntu. Akazange asebenzise iqembu. Njalo Usebenzisa oyedwa; ubehlala enzenjalo. Akawuguquli neze umzila waKhe. Usebenzisa oyedwa. Futhi Uthumela lokho ngaphambili, ashumayele uMlayezo. Uyenqatshwa, ngokusobala; kodwa wonke lowo oyoza, uyoza, kusukela kulesosizukulwane. Umlindo wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu, wesithupha, bese-ke kuba owesikhombisa, bese kuthi-ke uMyeni afike. Futhi sikowesikhombisa.

³⁶ Futhi sithola lamabandla amahlelo egijima . . . Futhi nganginamahloni ngalawa, nina Christian Business Men, ngobunye ubusuku, kufakwa kulelobhuku, lelobhuku loBusiness Men, “Baba oNgcwele uS’bani-bani.” Anazi yini nina bantu bePentecostal ukuthi a “sifanele sibize-muntu ngo, ‘Baba,’ kulomhlaba”? Lokho kukhombisa ukuthi uhlobo oluthize lokubenezela luphuphuthekise amehlu enu. Yebo. Futhi

aniqondi yini, labobantu, iBhayibheli lasho, ngenkathi i—ngenkathi lensali “lentombi elele yenyuka ukuyothenga amaFutha,” ukuthi aziwatholanga na? Zingahle ukuba zasina eMoyeni, zakhuluma ngezilimi. Kodwa ngibabonile odeveli benza lokho; lokho akuhlangene ngalutho nakho. Ngikhuluma ngoMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele weBhayibheli.

³⁷ Ngibabonile beqhubeka emasimini abahedeni. Sengiwujikeleze kasikhombisa umhlaba, kuzo zonke—kuzo zonke izinhlobo zabahedeni, nangokujikeleza amakhulu enkulungwane, nabantu abaningi ngangezinkulungwane eziyikhulu namashumi amahlanu na, ya, noma abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu bebuthana ngesikhathi esisodwa. Nokuthola ukuthi zikuphosela inselelo enjani izinyanga-bathakathi nayo yonke into kukho. Ufanele wazi ukuthi ukhuluma ngani. Awufanele nje ukuba nenkulumo engukuhlakanipha. Ufanele ukwazi, ngoNkulunkulu, ukwesekela okhuluma ngakho, kungenjalo ungafinyeleli kuleyonsimu lapho. Bayokwenza uphoxeke.

³⁸ Kodwa, khumbulani, uNkulunkulu wethu uselokhu enguNkulunkulu kaElija. Usalokhu enguNkulunkulu Ayelokhu enguye njalonjalo. Usalokhu enguNkulunkulu ofanayo. Uhamba ngesiyingi esifanayo. Wenza into efanayo. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngibabonile bemi beshayeka ngokuba yizimungulu, bakhubazeke, futhi basuswe ensimini. UNkulunkulu usalokhu ehlala enguNkulunkulu. Qaphelani, manje, uJesu wasitshela ukuthi lezizinto zaziyoqwenzeka ngezinsuku zokugcina, futhi sizithola nje ziyizo impela izibonakaliso zokuFika kwaKhe. Yonk'into!

³⁹ Sonke sizovumelana ukuthi sisekupheleni kwezwe. Kodwa uma Eqala ukwehlela eBandleni, nezinto Azozenzela iBandla, uMzimba, uMlobokazi ngezinsuku zokugcina, beseke siphenduka siphakamise ikhala lethu bese sisuka sihambe. Niyabo, kunje kufanele kube ngaleyondlela. Izwe liphenduka baphakamise ikhala labo kuLokho. Bazama ukungaKunaki.

⁴⁰ Bukani lokhu lapha izinhlelo zetelevishini, lapho abantu abaningi kakhulu bePentecostal behlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba babukele u *SiyamThanda uSucy*, isenzo esinye sokungabi nasimilo somunye wesifazane oshade kane noma kahlanu, noma omunye wesilisa, futhi nithande lokho kangcono kunoma nithanda elenu iBan-... uKristu wenu. Akumangalisi singenakuba nemvuselelo, akumangalisi sinento enjengaleyo, lapho uthando lwezwe lulukhulu kunothando lukaNkulunkulu olusenhliziyweni yenu.

⁴¹ O, singenyuka bese senza isinqumo, sifake igama lethu encwadini, bese siphuma bese siphila nezwe. Yilokho izwe elikufunayo. Yilokho ibandla elikufunayo. Lifuna ukugcina ukuvuma kwalo, futhi likholwe ukuthi lingumKristu, futhi

liphile noma ngayiphi indlela elifuna ukuphila ngayo. Ningakhathazeki, nizothola ukukwenza emkhandlwini wenkolo yobukristu. Bayonivumela nenze noma yini enifuna ukuyenza.

⁴² Kodwa, khumbulani, uMlobokazi uyobizelwa ngaphandle, ahlukaniswe futhi ehluke, agcwaliswe, azalwe nguMoya oNgcwele, agezwe eGazini leWundlu. Uyozithiba kuyo yonke into engamanyala, ngakuMyeni wakhe. Uyintombi emhlophe, emsulwa, ngeZwi. IZwi naye bayafana. Njengendoda nomfazi wayo uba munye, ekuhlanganisweni, lenzenjalo neBandla likaNkulunkulu langempela ngokoqobo. Uma eba kuKristu, iBhayibheli ligcizelelwa ngo “amen,” zonke izithembiso. Akwenzi mehluko ukuthi ihlelo lithini. Umphefumulo osekholweni, uyaligcizelela, ngoba yiZwi kuye likhuluma kuzwakale.

⁴³ “IZwi libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lahlukanisa imicabango nezizindlo zenhliziyiyo.” IBhayibheli lashi njalo. Liqinisekiswa futhi laziwe kanjalo-ke.

⁴⁴ Qaphela, mfowethu, qaphela. Kubi kakhulu ukuthi asiziboni lezizinto. UJesu wakhuluma ngazo.

⁴⁵ Wayeyisibonakaliso sabo sangokomBhalo, futhi abamQondanga. Wayeyiso impela isibonakaliso sangokomBhalo. Wabatshela ukuthi Wayeyiso. Wathi, “Hlolani imiBhalo. KuYo nathi ninokuPhila okuPhakade, futhi Yiyo efakaza ngaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningakukholwa.”

⁴⁶ Wonke umuntu unokuhunyushwa okungokwakhe kwangase. Lonke ihlelo linalamakhholiji, lichamsela isigejane sabashumayeli abachamselwe ngomshini. Bengihlala njalo ngilidabukela ichwane elichamselwe ngomshini, lalingena-mama; akunandaba ukuthi lalitshiyozisa kangakanani, lalinganakwa-mama. Ibakhiqiza kanjalo-ke abefundisi benkolo lemishini, ngezinye izikhathi akazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe, noma unogwaja azi ukuthi zifakwa kanjani izicathulo zaseqhweni.

⁴⁷ Esikudingayo ngumshumayeli osenolwazi obekwingemuva logwadule, waze wahlala kuleyondawo phansi kukaNkulunkulu kuze kwehle iNsika yoMlilo phambi kwakhe njengoba Yenza uMose, futhi akukho-muntu ongakusisa lokho kuye. Wayelapho ngenkathi kwenzeka. Manje lelo yiqiniso. Kubuyelwe kuNkulunkulu, nokubuyela eBhayibhelini laKhe!

⁴⁸ UJesu wathi, “Ukuba beningazi Mina, beniyakulwazi usuku lwaMi.”

⁴⁹ Wonke umuntu banokuhumusha okungokwabo. IMethodisti inokwabo. IBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, onke anokuhumusha kwawo. Kodwa iBhayibheli liyasho, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu alihunyushwa ngase.”

⁵⁰ Kuyini ukuhunyushwa kwaLo, pho? Wenza ukuhumusha okungakwaKhe uQobo. Wathi, “Makube-khona ukukhanya,” futhi kwabakhona ukukhanya. Lokho akudingi kuhunyushwa. Wathi, “Intombi iyakukhulelwa,” futhi yakhulelwa. Lokho akudingi kuhunyushwa.

⁵¹ Wathi, “Ngezinsuku zokugcina, Wayezothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama,” futhi Wakwenza. Lokho akudingi kuhunyushwa. Sekuvele kwenziwe, khona ngqo ebusweni babagxeki abathi kwakungenakwenziwa. UNkulunkulu wakwenza, empeleni, ngoba Uhumusha iZwi laKhe.

⁵² Wakusho, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ngesikhathi sokuphela, lapho iNdodana yomuntu yembulwa.” Futhi Wakwenza. Asikho isidingo sanoma yikuphi ukuhunyushwa. Lizihumusha Lona, zonke lezizithembiso Azenza.

⁵³ Wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, izinto engizenzayo Mina, naYe uyakuyenza.” Akudingi nayikuphi ukuhunyushwa, Uyakwenza nje. Yilokho kuphela. Uma... “Mina ngingumVini, nani ningamagatsha.” UkuPhila okufanayo okusemVinini kusemagatsheni, igatsha elifanayo eliphuma ngoSuku lwePhentekoste.

⁵⁴ Ngama ngoluny’usuku ngase ngibona okubonakala kuyimfihlakalo. Umngane wami olungileyo, nomngane kaJack Moore. UJohn Sharrit, iNkosi yambusisa, ingxenye yokuqala yenkonzo. Wayengenabantwana. Wayesebenzela utwenti fayfi sente ngehora, eqhumisa ukhonkolo emgwaqeni. Uza emhlanganweni, iNkosi imbusise; enabantwana abahlanu, futhi manje uhhafu wePhoenix usungowakhe uqobo. Unikela cishe ngezigidi ezimbili noma ezintathu, unyaka ngamunye, eNkosini. Ngangimi eplazini lakhe, kungekudala, elinye lawo, lapho ayenabaseMexico abangamakhulu ayishumi nanhlanu besebenza ngokungaxhamazeli. Naso sonke isifunda sezwe salutho kodwa ukotini, amazambane, isifunda sezwe emva kwesifunda sezwe. Zingezakhe uqobo, qobo lwakhe, futhi eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule wayehola ikota ngehora, ngokubhidliza ukhonkolo. Wethemba uNkulunkulu.

⁵⁵ Ngangibuka esinye sezihlahla zakhe, futhi sasinohlobo oluningi kakhulu lwesithelo kuso. Unengadi enkulu yezihlahla ezisama olintshi. Ngase ngithi, “Mfowethu Sharrit, uthini ngalesosihlahla lapho na?”

Wathi, “Mfowethu Branham, leso sinalo lonke uhlobo lwesithelo kuso.”

⁵⁶ Ngathi, “Awu, sinolamula, sino...Ngibona uhlobo lwamanantshi amatanjerina, itanjelo. Ngibone amalamula, uphaphamuzi, nama olintshi.” Ngathi, “Hlobo luni lwesihlahla lolu na?”

Wathi, “Isihlahla sama olintshi.”

Ngathi, “I olintshi? Nazo zonke kuso na?”

Wathi, “Yebo, lowo ufakelwe. Ufuqelwe lapho.”

Ngase ngithi, “O, ngiyabona. Yilokho enikubiza ngokuthi ukufakelwa na?”

⁵⁷ Wathi, “Yebo, Mfowethu Branham.” Wachaza ukuthi bakwenze kanjani, ngezikhathi ezithize zonyaka, ukuthi balifakela kanjani leligatsha.

⁵⁸ Ngathi, “Manje, ngonyaka ozayo, angeke abekhona amatanjerine, angeke abekhona amatanjelo, angeke sibekhona isithelo nhlobo kodwa lutho kodwa ama olintshi.”

⁵⁹ Wathi, “O, qhabo. Qhabo, qhabo.” Wathi, “Uphaphamuzi uyoveza, umvini kaphaphamuzi uyothela umvini kaphaphamuzi, uphaphamuzi. Itanjerine iyoveza itanjerine. Ulamula uyoveza ulamula.”

“Awu,” ngathi, “hlobo luni lwesihlahla lolo na?”

Wathi, “Isihlahla sama olintshi,” washo.

⁶⁰ “Kodwa uma lesosihlahla sama olintshi sike saze saveza elinye igatsha,” ngathi, “siyovezani na?”

Wathi, “I olintshi.”

Ngathi, “Ngiyakubona.” O, yebo. Ngani na? Zonke ziyisithelo esisama olintshi.

⁶¹ Sonke sizisho ukuthi sikuKristu. Kodwa uma singena Lapho, nesivumokholo sehlelo, siphila ngaKho. Kunjalo. Kodwa uma lesosiHlahla sike saze saveza elinye igatsha, kuyoba ngenye iNcwadi yeZenzo elotshwe emva kwayo. Kuyoba njengoba lalinjalo igatsha lokuqala, elivelayo. Liyoba ngeligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, eliphefumulelwe nguMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele! Akuyikubakhona isivumokholo kuso. Kuyoba yiZwi.

⁶² Abaningi benu uthatha amateyipu, banoMlayezo othi *IsiHlahla soMlobokazi*. Isithelo siphezulu echosheni ngqo, seziNkanyiso zakusihlwa uku—ukuvuthwisa. Manje, neziNkanyiso zokuhlwa kuvuthwisa isithelo ngalesisikhathi.

⁶³ Manje, sithola ukuthi babefanele baMazi, kodwa abaMazanga. Kunjalo nasesikhathini sethu, abaMazi. UJesu lapha wayethathisela... Masinya manje, ngakho singena eMlayezweni. UJesu wayethathisela emuva, futhi Wayekade enza izibonakaliso, ebabonisa ukuthi WayenguMesiya, khona impela uMesiya ayefanele akwenze, enza isibonakaliso sikaMesiya. O, eziningi zazo, sizithathe izolo ebusuku, sakukholwa.

⁶⁴ Sithola ukuthi o—owesifazane emthonjeni, wayengafundile. Wayenagama elibi. Kodwa wathi nje angabona lesosibonakaliso,

wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Futhi ngiyazi ukuthi nxa uMesiya efika, futhi Uyokwenza lokhu.”

Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

⁶⁵ Futhi ngenkathi eyongena emzini waseSikari, wayesebatshela konke Ayekwenzile, wathi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela engikwenzileyo. Lona akusuye yini uMesiya impela na?” NeBhayibheli lathi. . . Akabange esakwenza, kodwa baMkholwa, nguYe, ngenxa yobufakazi bowesifazane onegama elibi. Manje nikhuluma ngokuvuka ezinsukwini zikaJonase futhi elahla lesisizukulwane na?

⁶⁶ Qaphelani, siyathola, ke, uNatanayeli, uPetru, nabanye, abakhulwayo. Sibona uBartimewu oyimpumpethe.

⁶⁷ Sibona uZakewu emthini, wacasha. “UJesu,” wathi, “Akasoze angibona phezulu lapha.”

⁶⁸ NoJesu wama ngqo phansi komuthi, wayesebuka phezulu wayesethi, “Zakewu, yehla.” WayeyiZwi, neZwi lehlulela umcabango osenhliziyweni.

⁶⁹ NabaFarisi nezifundiswa ezinkulu zangalolosuku, zaLilahla, ngoba Lalingenakho ukuphucuka nokucwebezela kobufundisi benkolo kulo. Lalingenalo iso lokubuka elalifanele libe nalo. Lalingenakho ukucwebezela ne—nezinto umfundisi wezenkolo ayefanele abe nakho, efake umnqwambo omkhulukazi, ukhololo obhekiswe emuva, nenye into ethize, nolunye uhlobo lwa—a—amagama ayengakhulunywa, ukuba ege ngaphezu kwekhanda labantukazana.

⁷⁰ NeBhayibheli lathi, “Abantukazana baMuzwa ngokujabula.” Wayekhuluma ulimi lwabantukazana. Wayephila impilo yomuntukazana.

⁷¹ Manje-ke siyathola ukuthi ekwenzeni lokhu, siyathola ukuthi kwenzekani. Manje abakwazanga ukukukholwa, futhi bathi, “Lomuntu unguBelzabule. Ungumoya omubi.” Ngamany’amazwi, “Uphakathi kokuthi unokufunda umqondo noma—noma kuphakathi kokuthi Une. . . Yena, Ungumbhuli wohlobo oluthize.” Futhi noma ubani uyazi ukuthi lokho ngokukadeveli, futhi kungukuzifanisa nomunye umuntu. Futhi ngakho siyathola-ke ukuthi baMlahla.

Manje-ke wayemi lapha, wathi, “Nkosi, sikhombise isibonakaliso.”

⁷² Yini Ayiphendulela kubo na? Wathi, “Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso.” Manje bhekisisani, “Isizukulwane esibi nesiphingayo.” Wayeprofetha. Wathi, “Futhi bayosemukela, isizukulwane esibi nesiphingayo.” Futhi uma lesu kungesiso isizukulwane esiphila kuso, angazi kungani. Khumbulani, sonke isiprofetho sinencazelo embaxambili.

⁷³ Tholani kuMathewu lapho, isahluko 3, lapho Okwathi, “Indodana yaMi Ngiyibize iphume eGibhithe.” Hamba

ngenkomba ubuyele emuva uze uthole ukuthi Wayekhuluma ngoJakobe, indodana yaKhe. Kodwa futhi iNdodana yaKhe enkulu kunaye, uJesu, Wambiza aphume eGibhithe.

⁷⁴ Manje sithola ukuthi phakathi lapho, “Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso, futhi bazosithola, ngokuba isizukulwane esibi nesiphingayo siyobona isibonakaliso sokuvuka. Njengoba uJona wayese—sisiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo iNdodana yomuntu ifanele ibe senhliziyweni yomhlaba, iyobe Isivuka-ke.” Sekube yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi sinesinye isizukulwane esibi nesiphingayo. Futhi bemukela isibonakaliso sikaKristu ovukileyo, ephila phakathi kwethu, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye! Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

⁷⁵ UJona, siyamazi, siyazi wayengumprofethi. Abaningi babo babhekisela kuye njengolunye uhlobo olu—olubalekela kwenye indawo. Wayengesilo. “I right... izinyathelo zabalungileyo ziqiniswa yiNkosi.” Ngangifunda incwadi kungekudala. Waya eTarashishi, noma waqala ukuya kuyo, esikhundleni saseNineve, kodwa konke lokho kwakusecebweni likaNkulunkulu. “Izinyathelo zabalungileyo.” Ngoba, ngesinye isikhathi ububi buyakwehlela, noma into ethize.

⁷⁶ Kwakunjalo ngoJobe. Wayenge... UJobe wayeyindoda edlula onke ezweni, ngezinsuku zakhe, indoda edlula onke uNkulunkulu ayengayithola, kepha nokho bukani ukuthi kwenzekani kuye. Wayengamlayi. Wayemvivinya. Wayefakazisa kuSathane ukuthi Wayenomuntu owayengaMkholwa ebusweni bobunzima.

⁷⁷ Ngakho uJona wayeyinto efanayo. Futhi simthola esendleleni yakhe ebheke ezansi eNineve, wayesethatha umkhumbi oya eTarashishi, wayese-ke e... Nolwandle lwavuka, futhi wayelele. Wabatshela, “Bophani izandla zami nezinyawo, bese ningiphosela ngaphandle, ngokuba ngiyimbangela yakho.” Futhi ngenkathi bemphosela ngaphandle, umkhomo omkhulu wawubhukuda ngakhona emanzini, uzingela, futhi wagwinya lomprofethi.

⁷⁸ Ngiyakhumbula, kungekudala, eLouisville, eKentucky, lapho engangivame ukuhlala khona ngaphesheya komfula eIndiana. Babenomkhomo laphaya, e—enqoleni yakwaloliwe engenamasayidi. Omunye uRicky omncane wayenobunye ubuhlakani obukhulu kunoma wayazi ukuthi kulawulwa kanjani, wathi, “Manje niyizwile inganekwane endala yomkhomo ugwinya uJona.” Wathola ibheysisbholi, walibuyisela emminzweni wo—womkhomo, wayesethi, “Bukani lapha.” Wathi, “Yi, ibheysisbholi ingeke yedlule ngisho kuwo.” Wathi, “Inganekwane endala ka—kaJona egwinywa ngumkhomo,”

wathi, “inganekwane nje.” Lokho kwakul’khuni kakhulu kimi ukuba ngikumemele.

⁷⁹ Ngathi, “Umzuzu nje, mnumzane.” Wakuchaza, esho ukuthi akunakwenzeka kanjani ukuba umuntu angene kulowomphimbo. Ngathi, “Uyehluleka ukufunda umBhalo, mnumzane. Futhi leyo akusiyo inganekwane. Yiqiniso.”

Wangibuka wayesethi, “Ungubani wena?”

Ngathi, “NginguMfundisi ohloniphekile uBranham, wangaphesheya nje komfula.”

Wathi, “O, ngiyabona, umshumayeli okholwa lokho.”

Ngathi, “Ngayo yonke inhliziyoyami, ngayo yonke inhliziyoyami.”

⁸⁰ Wayesethi, “Awu, uyazi,” wathi, “buka lapha, mnumzane, kungesikho ukuphikisa. Futhi ngi—ngiyakwazisa ukuma kwakho, kanjalonjalo, kodwa,” wathi, “ngokwesayense,” wathi, “ubungeke usifake isandla somuntu kal’khuni emphinjeni wawo.”

⁸¹ Ngathi, “Mnumzane, awuwufundi kahle uMbhalo. IBhayibheli lathi lena kwakuyi ‘nhlanzi emiselwe’ isipesheli. Kunjalo. UNkulunkulu wathi Wa ‘misela inhlanzi.’ Iyinhlanzi eyisipesheli.”

⁸² Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu akushoyo kuyiqiniso. Lena ngeyisipesheli. Wavula ikhala lakhe phansi-phezulu, efake izibuko zakhe, kabili noma kathathu, wayeseqhubeka nesifundo sakhe asifundisayo. Ispec-...Futhi wonke umuntu wahleka. Kwakuyinhlanzi eyisipesheli. UNkulunkulu wamisela inhlanzi ukuba igwinye uJona. He! Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyoyami. Manje, siyathola, ukuthi kokwayo... Yamgwinya.

⁸³ Noma yini, inhlanzi, emva kokudla kwayo, yehlela phansi ekugcineni. Phakela izinhlanzi zakho ezincane ezisagolide bese ubhekisisa ukuthi kwenzekeni. Zehlela ngqo phansi ekugcineni kwesiqukathi esincane ozifake kuso, bese iphumuza izihlambi zazo ezincane phansi ekugcineni. Isisu sazo esincane sisuthi, futhi ngakho ziphansi lapho ziphumule.

⁸⁴ Ngakho ngenkathi lenhlanzi enkulu igwinya uJona, ifanele ukuthi yehlela phansi ekugcineni, ukuba iphumule, iphume emagagasini futhi iphume esiphephweni. Yayiqalaza emvuselelweni, ukubona ukuthi yini eyayingayithola; nemvuselelo olwandle, niyazi, itshikiza phansi-phezulu, imimoya evunguzayo. Ngakho yathola lomshumayeli yase imgwinya, yase yehlela phansi ekugcineni.

⁸⁵ Manje lapha, uJona phansi lapho esiswini salomkhomo, nezandla zakhe nezinyawo kuboshiwe, elele ebuhlanzweni bomkhomo.

⁸⁶ Manje kukaningi ngizwa abantu bethi, “Ngikhulekelwe izolo ebusuku, futhi—futhi isandla sami asingcono. Sisalokhu sikhubazekile. Ngisalokhu ngiphethwe yisisu. Amehlo ami, angikaboni kahle.” O, he! Bese-ke umpongolozela uJona na? He!

⁸⁷ Uma noma ubani ubenesifo esibonakalisa izimpawu, wayefanele abe nalo. Uma abuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo; *ngapho*, kwakuyisisu somkhomo. Nomaphi lapho ayebuka khona kwakuyisisu somkhomo, nezandla zakhe sasiboshelwe emva kwakhe. Wayese—sesiwini somkhomo, phansi ekugcineni kolwandle, mhlawumbe kujule ngamafatome angamashumi amane, phansi ekugcineni kolwandle. Manje nikhuluma ngezimpawu! Bese-ke nimbiza ngohlubukile.

⁸⁸ Kodwa niyazi ukuthi wathini? “Kuyize kwamanga. Angeke ngikubuke ngisho. Kodwa kanye ngiyophinde ngibeke ethempelini laKho elingwele, Nkosi.”

⁸⁹ Manje, uJona wazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela ithempeli, wakhuleka wayesethi, “Nkosi, uma abantu baKho beba senkathazweni nomaphi, bese bebheka lendawo engcwele, khona-ke yizwa useZulwini.” Futhi wayenalelothemba elikhulu kangako emkhulekweni womuntu ohlubukile, owenza umkhuleko. Kangakanani-ke . . .

⁹⁰ Akukho namunye wethu okulesosimo, kulobubusuku. Akukho namunye wethu onalohlobo lwezimpawu. Bese kuthi-ke sibheke izimpawu zethu na? Ngani? Ngani? Uma wakwazi ukuba nalelothemba elikhulu kangako emkhulekweni womuntu owayehlubukile . . . Futhi sicelwa ukuba sibheke eZulwini, lapho uJesu ehlezi khona ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu, eThempelini elingenziwanga ngezandla. Ulindeleke phakathi Lapho ukuba anxusele phezu kokuvuma kwenu. Sifanele singazinaki kangakanani-ke izimpawu zethu, futhi, “Kanye futhi ngizobheka esithembisweni saKho esingcwele, Nkosi!” O, he, uma sibona uNkulunkulu enkundleni!

⁹¹ Manje sithola ukuthi, uJona, bathi lomkhomo wamthwala phakathi lapho izinsuku ezintathu nobusuku, wamthatha yonke indlela umbuyisela emuva ezansi ezungeza, wathungatha indlela ubuyela emuva, wawela. Futhi manje abantu baseNineve babe, base bephenduke bafana njengoba benjalo ezweni lonke manje. Izwe labo elikhulu lezohwebo, umsebenzi wabo wezohwebo kwakungukudoba, futhi wonke owesilisa wayedoba. Futhi babekhonzisa izithixo, nomkhomo wawungukulunkulu wolwandle. Futhi ngoluny’usuku, cishe ngeleshumi nanye nqo, ngenkathi bonke babephandle lapho bedoba, nakhu kungena unkulunkulu wabo wolwandle, wayesekhipha ulimi lwakhe, nomprofethi waphumela esikhwelweni. Akumangalisi baphenduka. Ehhe. Niyabo? Kwakunesibonakaliso. Leso kwakuyisibonakaliso.

⁹² Laliyini iphimbo na? Laliyini iphimbo, “Niyabona bafana ukuthi yini engingayenza na?” Qhabo. “Phendukani, noma phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane uNkulunkulu uyoyibhubhisa indawo.” Isibonakaliso nephimbo. Iphimbo elalandela isibonakaliso, “Phendukani!”

⁹³ Wathi, “Nalabobantu ababengasazi isandla sokunene kwesokunxele, baphenduka ekushumayeleni kukaJona, futhi kukhona lapha omkhulu kunoJona.” Niyabo? Wayesethike, “Inkosikazi yaseNingizimu iyakusukuma e...esayo isi gener-...nalesisizukulwane, futhi isilahle; ngoba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.” Manje ngenkathi . . .

⁹⁴ Sengivala, ngisho lokhu. Uma uNkulunkulu ethumela isipho emhlabeni, isipho esiyisibonakaliso, nabantu basikholwe, lokho ngokunye kweminyaka enenkazimulo kunayoyonke abantu abake bayiphila. Kodwa uma Ethumela isibonakaliso futhi senqatshwe, lesosizukulwane singena enxushunxushwini. Besihlala njalo sinjalo. Ukuba-ke abantu baseMelika, kulobubusuku, bebengemukela isibonakaliso sikaNkulunkulu ngalolu izinsuku zokugcina na?

⁹⁵ Ngani, sikhuluma ngokuya eFort Knox nokuthuthela uhulumeni ezansi lapho, nokumba phansi emhlabathini. Ngani, lawomabhomu aseRashiya lihamba mhlawumbe ikhulu, amayadi angamakhulu amabili phansi emhlabathini, futhi awuqhumise amamayela ayikhulu namashumi amahlanu, ngani, ukuxukuzeka kobuchopho bekungaye kuyothi ngqu o—obindizeni lwentabamlilo. Aniphephe ndawo kulomhlaba. Indawo eyodwa kuphela ephephile, leyo isezingalweni zikaJesu Kristu. Uyingqaba yethu.

⁹⁶ Kodwa ukuba-ke thina, kulobubusuku, njengabaseMelika, futhi sonke sethembela esiphiweni uNkulunkulu asipha sona, uMoya oNgwele, ngezinsuku zokugcina na? Ngani, zonke izizwe beziyosesaba, njengoba zenza ngezinsuku zikaSolomoni.

⁹⁷ UNkulunkulu wapha uSolomoni isipho, futhi lonke ibandla lonke jikelele, wonk’umuntu, wasikholwa. Leso kwakuyisikhathi seminyaka eyinkulungwane kumaJuda. Leso kwakuyisikhathi seminyaka eyinkulungwane seTestamente eLidala, ngezinsuku zikaSolomoni, isibikezelo sesikhathi seminyaka eyiNkulungwane esizayo. Unyaka wegolide wamaJuda! Qaphelani, akukho-muntu owaqala impi nawo. Babewesaba, ngoba babazi ukuthi uNkulunkulu wawo wayengowangempela. Ngoba, ayenaYe ebukhoneni bawo, nabantu bonke wayenziliziyonye nasekuvumelaneni kunye. Ngani, udumo lwaya ndawo zonke. Ndawo zonke, futhi uzwa, “O, into enkulu kangaka pho, uNkulunkulu omkhulu kaIsrayeli anayo, uNkulunkulu ophilayo!”

⁹⁸ Nodumo lwakhe lwaze lwayoshaya ezansi le eSheba. Iinganise emephini bese ubona ukuthi ikude kangakanani. Kwakunendlovukazi encane ezansi lapho, eyaba nokulambela uNkulunkulu enhliziyweni yayo. Njalo yayizwa umuntu, omunye wabahamba ngohide lwamakameli wayefika, yayithi, “Usuke waba sePalastine na?”

“Yebo.”

“Awungixoxele ngaleyomvuselelo enkulu abanayo iqhubeka enhla lapho.”

Futhi wonke umuntu wayethi, “O, iyamangalisa!”

“Wayibona na?”

“Yebo.”

“Injani na?”

⁹⁹ “O, lowoNkulunkulu omkhulu abamkhonzayo wehlile futhi uphila kwenye yezinceku zaKhe, futhi bayenza inkosi. Ngani, iyakwazi ukubona okufihlakele. Yazi yona impela imicabango osenhliziyweni yakho. Futhi, niyazi, bayasho ukuthi, ‘UNkulunkulu uyiZwi, neZwi linguNkulunkulu, neZwi lahlulela imicabango osenhliziyweni yabo.’ Nalokho kuhlakanipha komuntu kwedlula noma yini owake wezwa ngayo. Iyakwazi ukubona okufihlakele futhi yazi ngisho nemicabango ocabanga ngayo. O, yimvuselelo emangalisayo abanayo enhla lapho.”

¹⁰⁰ Futhi niyazi, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu,” isithembiso sikaNkulunkulu.

¹⁰¹ Nalendlovukazi encane yathola ukulamba, futhi yayifuna ukuya kulemvuselelo. Manje yayinenqwaba yonke eyayizonqwamana nayo. Manje, into yokuqala, yayingumhedeni. Yayiyoya kumpristi wayo, ukubuza ukuthi ngabe yayingahamba yini. Yayiyindlovukazi. Yayisekubeni nesithunzi, kodumileyo.

¹⁰² Manje, akungabazeki kodwa ukuthi yenyukela kumpristi omkhulu, ayisithi, “Fata omkhulu ocwebileyo, ngiyaqonda ukuthi kunemvuselelo enhla kwaIsrayeli, futhi banesikhathi esikhulu enhla lapho. Futhi uNkulunkulu wabo uyaphila futhi Wenza izibonakaliso nezimanga ezinkulu, ngangokuthi asikaze sibone noma yini enjengayo, noma sezwa noma yini enjengayo. Wonke ohamba ngohide lwamakameli, ngiyabuza, futhi bathi kuyamangalisa. Ngingake ngidedelwe yini ehlelweni lami, ukuba ngiyovakasha na?”

¹⁰³ Sengathi ngiyakubona, “Asibambisani kulowomhlangano, ngakho kungcono uziqhelanise nawo.” Niyabo? Niyazi, umuntu uyafa, kodwa hhayi imimoya. Niyabo? Manje-ke siyathola, ukuthi, “Qhabo, kungcono uziqhelanise nawo. Asibambisani kulowo.”

“Awu, manje, buka, fata ocwebileyo, ngiyaqonda . . .”

104 “Manje buka lapha! Uma ikhona into eqhubekayo, ibizoqhubeka phakathi kwethu. Ibandla lethu belizoba nayo.” O he! “Futhi ya Nansi ilapha. Thina, besiyoba naYo khona lapha.”

105 Sengiyayizwa leyondlovukazi encane isho, isukuma. Ngiyasithanda isibindi sayo. Yasukuma yase ithi, “Ngizibonile lezizithixo zimi lapha iminyaka, ngikuzwile umi emva kwepulpiti futhi ushumayela ngomunye unkulunkulu owayekhona, omunye unkulunkulu owayekhona. Ukhokhozela wami wezwa indaba efanayo, futhi kungabikho-mnyakazo wasikhathi. Bangitshela ukuthi banoNkulunkulu ophilayo ophila phakathi kwabo, into engeyangoqobo. Ngifuna ukuyibona.”

106 “Manje, buka! Uma uhamba, uyazi ukuthi uzokwenzani, uzihlanganisa nesigejane sabantu, uyazi. Uyazi, banakho konke lokhu ‘ukuvula uLwandle oluBomvu’ nalo lonke lolohlobo lwezinto. Kungcono ungenyukeli lapho. Ngoba, uma wenyuka . . .”

“Awu, ngiyahamba, noma kanjani.”

“Sizolesula ngqo igama lakho encwadini.”

107 “Awu, lesuleni encwadini.” Uma umuntu eyolambela futhi omele uNkulunkulu, akukho-ncwadi ezweni engababamba, ngoba bafuna iNcwadi. “Lesuleni igama lami uma nifuna ukulesula. Ngiyahamba, noma kanjani. Ngiyezwa ukuthi kukhona uNkulunkulu ophilayo, onobuqiniso. Ngizothola ngakho, ngakho ungavele nje ulesule igama lami kuyo.”

108 Manje yayinenqwaba yokuba inqwamane nayo. Manje, khumbulani, yazimisela. Yathatha yonke imibhalo egoqwayo, ukuba ifunde ukuthi uJehova wayeyini. Manje, nango owesifazane okhaliphile.

109 Ungahambi ngokucabangela komuny’umuntu. Hamba nje ngalokho iBhayibheli elithi Uyikho. Thatha lokho Athi Uyikho. Uthole ukuthi Uyini, uma Ephila noma qha. Hhayi lokho esinye isifundiswa esikhulu esisho ngakho; kodwa lokho Akusho, qobo lwaKhe, ngaYe uqobo, Akwethembisa.

110 Futhi iqala ukufunda. Manje, yayinomqondo o—omuhle ngempela. Yathi, “Ngizopakisha inqwaba yezipho, futhi ngizokuthatha. Futhi uma kuyiqiniso, ngizokwesekela. Uma kungesilo iqiniso, ngingayibuyisa imali yami.”

111 Yayingafundisa abantu bePentecostal into ethize! Besekela izinhlelo zomsakazo ezihleka yonke into enikholelwa kuyo, kepha nokho niyayesekela. Makuthi—makuthi okwenu . . . Awu, ngizothula du kulokho. Nazi okwenele ngalokho, empeleni. Lowo ngumsebenzi wabashumayeli benu. Qaphelani. Kodwa lelo yihlazo.

112 Yathi, “Uma kungesikho okwangempela, ngiyobuya neziphopho zami.” Ngakho yazipakisha phezu kwekameli. Khumbulani, bukani ukuthi yini eyanqwamana nayo. Yayinebanga elide. Niyazi ukuthi kuthatha kanjani na? Yayidingeka ihambe ngekameli. Niyazi ukuthi kuthatha isikhathi esingakanani na? Kuthatha izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye. Izinyanga ezintathu, isemhlane wekameli, hhayi kwiCadillac efakwe isishayisamoya. Qhabo, qhabo. Izinsuku ezintathu, nomhlane wekameli.

113 Akumangalisi uJesu athi, “Iyosukuma ekwaHlulelweni nalesisizukulwane, isilahle.” Kunabantu, eBirmingham, abebengeke bahambe bawele umgwaqo ukuba babone into efanayo. Amabhasi, izimoto ezihamba emgwaqeni, izindiza, nayo yonke enye into ngosuku lwethu! Akumangalisi, ngenkathi besukuma, bayosilahla lesisizukulwane. Yebo, mnumzane. Ngokuba, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, uMoya oNgewele qobo lwaWo. Qaphelani.

114 Siyathola, ke, kunomunye umcabango. Bukani. Futhi manje abantwana bakaIshmayeli wayesogwadule, futhi babengabagibeli beviyo lezitimela zazolwandle, he, nabaphangi. Ngani, yayinayo yonke leyomali lapho! Ini? Ibutho layo elincane labathenwa, abaqaphi eyayinabo, nezincekukazi ezimbalwa; babengavele nje babanqume, babagence babalahle phansi ngqo, bese bethatha lelogugu bese beqhubeka njengalutho.

115 Kodwa, niyazi, kunokuthile ngakho, uma inhliziyo yakho iqala ukulamba ukuba ithole ubuqiniso bukaNkulunkulu, akukho-ngozi endleleni. Awuboni-ngozi. Awuboni-kwehluleka. Wena uthi, “Awu, ngingasinda na?” Akukho-mbuzo engqondweni yakho. Ukukholwa kwangoqobo kuzigxilela khona okwehange, akukho okuzokugudluzisa. Kuhlala khona lapho.

116 Ayizange icabange ngengozi ehleli ngaphambili. Yinye into eyayinayo, impokophelo eyodwa—eyodwa eyayinayo, into eyodwa eyayifuna ukuyizusa ngempumelelo. Nezinjongo zayo yayilungile, ngakho yaya ukuyofinyelela kuyo, ngokuba inhliziyo yayo yayilamba futhi yoma. “Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.” Kunjalo.

117 Ibhekisiseni manje lapho iqala ukuphuma inqamule ugwadule, mhlampe ihamba ebusuku, iphumule emini phansi kwesiqinti sasogwadule esinomthombo, ifunda leyomiBhalo. Ekugcineni, yafika emphemeni kaSolomoni. Ngenkathi ikwenza, phandle e—e. . . Egcekeni, yethula amakameli ayo yase imisa ithende layo.

118 Manje, ayifikanga njengabanye abantu, abanye abantu namhlanje. Ayisuye u. . . Naku ukulandisa kwakho kuka 1964. “Ngiyezwa ukuthi benza i. . . Bathi iNkosi yenza lokhu. Ngizokwehla, nezwi lokuqala elishiwo ngokuphikisana nalokho

engikukholwayo, ngizohamba ngiphume ngqo ngomnyango.” Niyabo? Niyabo?

¹¹⁹ Kodwa hhayi yona. Yaletha iZwi yase ihlala phansi. Yayizohlala lapho ize ikholiseke ngempela. Yayingezukuhlola imibono okungeyayo. Yayizohlola iZwi.

¹²⁰ Ngakho yangena. Sengathi ngiyabona, usuku lokuqala, ihlala phansi, emuva le ngemuva. Namacilongo ayakhala, izinsimbi zakhala zathi nqe, na—nabobonke abaculi baya kocula. UMphongolo wesiVumelwano wawulapho endaweni. NoMelusi uSolomoni waphuma, wahlala phansi. Yathi, “Manje ngizobona ukuthi ngabe uNkulunkulu ukuyo indoda noma qha,” ngakho yabhekisisa. Futhi lonke udaba luqala ukunyakaza. O, into emangalisa kanje pho! Ayikho into eyafihlwa.

¹²¹ Ngakho yathola ikhadi layo lomkhuleko, niyazi, futhi yalinda, ngakho njengoba kwakunjalo, futhi yona, lapho yenyukela emgqeni. Ekugcineni, usuku nosuku, yalinda. Yakhula kakhulu ngokuba nesasasa ngaso sonke isikhathi, lapho imvuselelo iqhubeka. He, inhliziyo yayo yayilamba! Emva kwesikhashana, yafika phambi kukaSolomoni, neBhayibheli lathi, “Kwakungekho lutho kodwa lokho uSolomoni akwembula kuyo,” ukubona okufihlakele!

¹²² Futhi nangu uJesu wayemile, uNkulunkulu kaSolomoni, “Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.” Niyabo?

Base bethi, “Sikhombise isibonakaliso, Nkosi.”

¹²³ “Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. NeNkosikazi yaseNingizimu yavela emikhawulweni yomhlaba, ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi bhekani lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.

¹²⁴ Futhi sibe nezinkulungwane ezimbili, ya, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nesishiyagalombili, kusukela ngalesosikhathi, yomlando weBhayibheli. Futhi, kulobubusuku, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, neZwi elithenjisiwe lalolusuku, futhi sisalokhu sihamba sidangala ngqo. Akumangalisi iyoma ngoSuku lokwaHlulelwa futhi iyilahle iBirmingham, iUnited States, onke amanye, ngobufakazi bayo, ngokuba inhliziyo yayo yayilambela ukubona uNkulunkulu futhi yahlala kwaze kwaphela.

¹²⁵ Yathini-ke emva kokuba isibone into yangempela yenzeka na? Niyazi ukuthi yathini? Yona, emva kokuba uSolomoni esembulile kuyo okwakusenhliziyweni yayo, ngani, yathi, “Konke lokho engake ngakuzwa, futhi ngisho nokungaphezu kwalokho.” Ngani? Kwakwenziwe kuyo ngaleyonkathi. Yayikubonile omuny’umuntu ayekushilo ngakho, kodwa kwase kuyithuba layo ngaleyonkathi. Layo, imfihlo yayo yase yembuliwe kuyo. Futhi yathi, “Kukhulu kakhulu.” Futhi yathi, “Babusisiwe ngisho nomuntu onawe, obona lokhu ngaso sonke isikhathi. Umuntu oma lapha futhi abone lezizinto ngaso sonke

isikhathi, babusisiwe.” Futhi yayibona indlela enyukela ngayo endlini yeNkosi. Iba yikholwa.

¹²⁶ Futhi yethenjiswa ukusukuma ngezinsuku zokugcina futhi izilahle lezizizukulwane, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaSolomoni, nanjengasezinsukwini zikaJona, kanjalonjalo. Izosukuma ngalolusuku futhi ilahle, ekuvukeni, abantu ophile kulolusuku. Ngokuba, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. UMoya oNgcwele uqobo lwaWo ulapha. UMdali wamazulu nomhlaba ulapha, ezikhomba Yena uqobo nabantu baKhe, ngohlobo olufanayo lwesipho. Impela njengoba kwakunjalo kuKristu; Yena ekwenza. Njengoba kwakunjalo kuSolomoni; Yena ekwenza. Njengoba kwakunjalo kubaprofethi; naYe ekwenza. Njengoba kuprofethelwe izinsuku zokugcina, kade singenakho a—amakhulu ngamakhulu eminyaka. Futhi njengoba kwakunjalo ngaphambi nje kokufika kwaKhe kokuqala, babengena—bengenakubona okufihlakele amakhulu eminyaka, futhi nakho kufika enkundleni, futhi omunye wethula uMesiya. Futhi wethembisa, into elandelayo eza ihambisana ngqo, ngezinsuku zokugcina, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi.

¹²⁷ Nakhu sikhona ngezinsuku zokugcina: izibonakaliso Athembisa ukuthi ziyokwenzeka; isimo sezwe indlela nje esifanele sibe yiyo; ukungabi nasimilo kwezwe; nayo yonke into esinayo, nje isendaweni yayo. NoMoya oNgcwele usendaweni yawo ngqo, wenza impela. O, kuyinto emangalisayo, ukwazi ukuthi sikhonza uNkulunkulu wangempela.

¹²⁸ Ngizwa kuthi angisho into ethize manje. Ngike ngayisho ngaphambili, kodwa ngicabanga ukuthi . . . Ngizizwa ngiholeleka ukuba ngiyisho futhi. Njengoba wonke umuntu azi, ngiyazingela. Hhayi kakhulu kangako okwezinyamazane; ngithanda ukuba semahlathini. Umama wami wayezalwa ngokuxubile uhhafu. Niyakwazi lokho. Umama wami wayeyiNdiya eliyiCheroki uhhafu. Unina wayehola impesheni, niyabo, e—eTennessee. Ngakho manje siyathola ukuthi, kulokho, ngiyathanda ukuzingela. Nokuphenduka kwami akuzange kukuthathe, ngoba ngi . . .

¹²⁹ IBhayibheli lami lokuqala kwakungamahlathi. Ngangibona imbali, ukuthi yayifa kanjani. Imbewu encane ilale emhlabathini futhi yabola, yonke into yayingasekho. Kodwa, ngonyaka olandelayo, kwakungekho lutho owawungaluthola. Wawungathatha lolothuli olungagcwala isandla uluyise endlini yokusebenzela isayensi, akukho-sokhemisi ezweni owayengathola leyombewana yokuphila phakathi lapho. Kodwa yayiphinde iphile uma kuphuma ilanga. Yayiphinda iphile, nalokho kwangazisa ukuthi kwakukhona ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka.

¹³⁰ Ngibona ilanga liphuma, ekuseni, lizelwe liyingane encane. Ngelesishiyagalombili nqo, liqala ukuya esikoleni. Lithi alibe lapha kweleshumi nqo, seliphumile-ke ekholiji. Bese kuthi-ke ngesikhathi sasemini, lisekuqineni kwalo. Ngelesibili nqo, selineminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu ubudala. Bese kuthi-ke lapha cishe ngelesine nqo, seliba namashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, selihambile. Liyifezile inhloso kaNkulunkulu. Kodwa ini? Uma lifeze inhloso kaNkulunkulu, lokho ngukuphela kwalo na? Qhabo. Liphinde liphume ngokusa okulandelayo, ukuba lifakaze ukuthi kukhona ukuzalwa, ukuphila, ukufa, ukuvuka.

¹³¹ Kodwa, into yokuqala, i—imbewu etshalwe emhlabathini, uma ingaqhumanga, ayizukumila. Izofanele ifeze inhloso kaNkulunkulu, ukuze imile. Futhi sinjalo nathi. Siyimbewu eqhumayo, emhlabathini, futhi sifanele sifeze inhloso kaNkulunkulu kungenjalo asiso—asisoze samila kulokho kuvuka kokuqala; similele ukwahlulelwa ngolokugcina. Njengohlamvu olubhasteliwe nje, lumila lube lude ngokwenele ukuba luthathe ukwahlulelwa kwalo kwelanga, bese lufa bese lubuyela emuva, futhi yilokho kuphela okwalo. Kunjalo impela. Kodwa imbewu yangempela ishiya i . . . iphinda iphile, iziveze yona.

¹³² Bukani amanzi esihlahla esihlahleni. Ngaphambi kokuba kwehle noma yisiphi isithwathwa, kumbe noma yini enye, lesosihlahla i . . . Imvelo ethize, ndawondawo, ibambelela kuso, ithi, “Gijima wehlele phansi ekugcineni kwesihlahla, ngokukhulu ukushesha. Yehlela emhlabathini, ngoba kunesithwathwa esizayo.” Futhi uma engakwenzi, ayosibulala isihlahla. Bese ecasha phansi lapho kuze kwedule lonke iqeqeba lamakhaza, bese ebuya enyuka ngqo futhi. UkuHlakanipha okuthize kuyakwenza. Niyazi ukuthi ngokuba nokuHlakanipha kuni lokho na? Ngichazeleni lokho, ukuthi buhlakani buni obenza lesosihlahla sishone phansi, sizicashela bese sibuye sikhuphuka, futhi ngizonitshela ubuHlakani obungitshela ukuthi ningobani futhi nivelaphi, ukuthi nenzeni nokuthi niyaphi. Naleyoy into efanayo, ngoba nguNkulunkulu ofanayo. Impela. Ngempela. NguNkulunkulu owenza lezozinto. Manje, khumbulani, bangani.

¹³³ Ngoluny’usuku ngangizingela lapho engangivame ukuyozingela khona, phezulu emahlathini asenyakatho. Futhi ngangizingela nomngani, futhi ngangithanda ukuzingela naye. Wayethi akabe yingxenye yeNdiya, naye. Futhi u . . . khona, uBert Call, futhi uyindoda ekahle. Indoda ingahle ukuba ihlezi khona lapha manje, ngakho konke engikwaziyo. Wehlela eningizimu lapha ngaso sonke isikhathi. Futhi wayengumzingeli omkhulu. Awudingeki neze ukuba ukhathazeke ngaye. Akazukulahleka. Sizingela ndawonye futhi sasazana, kodwa wayeyindoda enenhliziyo enonya ukwedlula onke engake

ngahlangana nawo empilweni yami. Wayedubula amazinyane ezinyamazane, ukuba nje a—ukuba nje angenze ngiphatheke kabi, ngoba ngangingathandi ukukubona ubulala abafu abancane.

¹³⁴ Kulungile ukubulala izinyane lenyamazane, manje, uma uhulumeni esho njalo. Ngangingumqaphi wezinyamazane, iminyaka, futhi namanje ngisengumongi. Ngi—ngiyakholelwa ezilwaneni, futhi ngiyakholelwa ekongiweni. Futhi nje maba—nje... Uma uzidedela zilokhu siqhubeka, ziyozibeka lapha ukuba zidliwe. Uma ungazidli ezinye zazo ziphele, khona-ke ziyothatha isifo bese zibuthuka, noma zibulawe yindlala. Kodwa nje lokho okushiwo ngumthetho, bayazi ukuthi kuphathwa kanjani lokho. Mabakunakekele.

¹³⁵ Kodwa uBert wayewabulala nje ukuba kungabi nasithunzi, ukungibona nje ngiphatheke kabi ngakho. Wayevame ukuthi, wathi, “Billy, ungumshumayeli okahle, noma u—umzingeli okahle, kodwa, inkathazo yakho ingukuthi, ungumshumayeli kakhulu. Unenhliziyo yenkukhu kakhulu.”

¹³⁶ Ngase ngithi, “Bert, unonya nje, yilokho kuphela.” Futhi sasiqhubeka.

¹³⁷ Ngoluny’usuku, ngenyuka, kwakungukuthi ngadingeka ngisebenze leyithi, futhi kwakuya ngokuba leyithi ngenkathi yonyaka. Nenyamazane idiye enomsila omhlophe, angazi noma ninazo yini lapha noma qha. O, he, nikhuluma ngoHoudini eyingeweti ephunyukayo, zingcono kunaye. Ngakho kwakuleyithi ngenkathi yonyaka; zazidutshulwe izikhathi ezimbalwa. Sase siqala ngokunye ukusa, cishe ama intshi ayisithupha eqhwa, saqala ukwenyuka ngaphesheya kwePresidential Range.

¹³⁸ Sase sithathe okunye, njalo sithatha ushokoleli oshisayo nesemishi. Futhi cishe ngesikhathi sasemini, uma singayitholanga inyamazane idiye, khona-ke sasehlukana ezintabeni, bese sibuya; singene, ngesinye isikhathi, ngelesishiyagalolunye noma eleshumi nqo ngalobo busuku. Uma sithole inyamazane idiye, siyiphanyeke. Sasazi ukuthi sasikuphi, futhi sasibuya bese siyayithatha.

¹³⁹ Ngakho ngalokho kusa senyuka, futhi ngakho, ngaphambi kokuba ngihambe, wathi, “Hheyi, Billy, nginento ethize yakho kulonyaka.”

Futhi ngathi, “Iyini?”

¹⁴⁰ Wafaka isandla phansi ephaketheni lakhe wasedonsa ekhipha impempe encane, into ethi ayibe ngusayizi *walokhu*. Wayeseyikhalisa, futhi yayikhala njengezinyane lenyamazane libiza unina; niyazi, inyamazane encane eyidiye eliyingane imemeza unina.

¹⁴¹ Ngathi, “Bert, ubungeke waba yilolonya, ubungaba yilo na?”

¹⁴² Wathi, “O, nina bashumayeli abanezinhliziyo zezinkukhu, nonke niyafana.”

¹⁴³ Ngakho sase siqala ukwenyuka igquma, futhi lapha cishe kweleshumi nanye nqo, u...Kwakukhona isikhala esicishe sibe ngusayizi walelikamelo, mhlawumbe sithe ukuba banzana kancane. Futhi sasingabonanga ngisho nomzila. Kwakunonyezi, futhi zazidla ebusuku. Futhi nje zazi...Futhi kul’khuni ukuzithola. Zazivele zihlale zicashile nje, zilale phansi, futhi ngakho phansi kwebrashi nasemuva emthini wamaplangwe ojulile. Futhi zaziqhanda phansi futhi zidle izithonjana eziyivukusi, futhi zikukhohlwe. Ngakho manje-ke sasi... .

¹⁴⁴ Ngifika kulesisikhala esincane lapho, futhi uhlala phansi. Ngacabanga ukuthi waye...unqenqema lweqhwa lapho, umlalela. Futhi ngacabanga ukuthi wayeya ephaketheni lakhe, *kanje*, ukukhipha leflaski encane bese ephuza ushokoleli wakhe—wakhe, futhi sasidla idina lethu—lethu bese-ke sehluhana, bese sibuyela emuva siqamule undi; yena uya ngapha, nami ngiye le. Kodwa ngenkathi enza, ngaqala ukwelula isandla ngase ngithatha isemishi lami, ngoba ngangithi ukulamba kancane. Ngase ngibeka isibhamu sami phansi sencika esihlahleni, ngase ngibuyela esakeni lami, ngase ngimbuka. Wangibuka phezulu. Futhi wayenamehlo angathi awebanda, empeleni, niyazi; njengabesifazane bependa amehlo abo, namhlanje, niyazi, lokho kubukeka okuxakile okubukeka njengokubuka kwenja kubo, futhi manje-ke bepende konke kanjalo. Awu, yileyondlela amehlo akhe ayebukeka ngayo, uhlobo lokufana nebanda, ethe ukutsheka. Wangibuka phezulu. Ngase ngicabanga, “Unani emqondweni wakhe na?” Wafaka isandla sakhe phansi wayesekhipha lempempe encane. Ngase ngicabanga... .

Ngathi, “Bert, awunamahloni ngawe na?”

¹⁴⁵ Wayeseyikhalisa, futhi, ngenkathi ekwenza, cishe amayadi angamashumi amathathu nje, noma kal’khuni kuze kube manje, inyamazane enkulu yesikazi yasukuma. Manje, inyamazane yesikazi iyidiye elingumama. Leyo kwakuyingane yayo imemeza. I...Wayikhalisa impempe. Yagxuma. Manje yayingeke ikwenze lokho, nhlobo. Yayazi ukuthi sasilapho. Kodwa ingane yayo yayisenkathazweni. Futhi wangibuka, lawomehlo ebanda futhi. Ngambona ehlisa isivikelo, esibhanyini iteti-o-siksi. Wayengumnembi. O, wayeyilo okahle.

¹⁴⁶ Wayeseyikhalisa impempe futhi. Naleyonyamazane engumama omdala wediye yahamba yaqonda ngqo yaphumela lulesosikhala. Manje, mfowethu, lokho akwejwayelekile. Zazingekwenze lokho. Into yokuqala, yayingeke isukumume. Ukuba yayikwenzile, yayiyohamba ngenye indlela. Futhi nansi yayilapha, yahamba yaphumela ngqo esikheleni. Futhi yayazi ukuthi sasilapho. Futhi kwathi nje isivikelo singanxapha

kulesosibhamu, yaphenduka yabuka ngqo kumzingeli. Esikhundleni sokubaleka, yavele yama lapho. Amadlebe ayo amakhulu, amehlo ayo iwavule onke, imise izindlebe zayo, futhi yayiqalaza.

¹⁴⁷ Kwakuyini na? Yayingumama. Leyo kwakuyingane yayo. Ingane yayo yayisenkathazweni. Iwundlu elincane...umfo omncane wayekhala, njengezinyane elincane lenyamazane. Yayingesuye umzenzisi. Yayingazifanisi nento ethize. Yayiyiyo ngokoqobo. Yazalwa ingumama. Yilokho eyayiyikho, umama.

¹⁴⁸ Futhi wasehlisa ngeleveli lesosibhamu. Ngacabanga, “Ungakwenza kanjani, Bert na? Ungakwenza kanjani na?”

¹⁴⁹ Mina, angikwazanga ukukubuka. Ngafulathela. Ngacabanga, “Nkosi Nkulunkulu, indoda ingaba kanjani yileyonhliziyo enonya, ukuba iqhumise leyonhliziyo ethembekile yalowomama, ecinga ingane yakhe na?” Futhi ayinxenxele phandle lapho, ayikhohlise futhi ayikhiphele lapho. Kwase kuthi-ke, ngangazi ukuthi wayengumnembi—mnembi ngempela, wayeyoqhumisa leyonhliziyo engcwele yayo kuyothi ngqu kolunye uhlangothi lwayo. Futhi yona, umama, yayizoza ngempela ngoba leyo kwakuyingane yayo. Futhi ukhuluma ngesibonakaliso, leso kwakungesinye saso, sokwethembeka, ngoba into ethize yayingaphakathi. Yayingumama. Ngase ngifulathela. Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, i—isidalwa esingumuntu singaba kanjani yilolonya, ukwenza into enjengaleyo na?”

¹⁵⁰ Ngase ngilinda ngalinda, nesibhamu asizange sidubule. Ngacabanga noma yimuphi umzuzu ngizozwa isibhamu sidubula. Futhi kwakuyi, wayene...Inhlamvu ewuhlwayi oluyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, esakhwe, futhi aqhumise inhliziyo yayo iyothi ngqu ngale kuyo. Ngase ngacabanga, “Asidubulanga ngani na?” Futhi ngangimi *ngapha*, amehlo ami ngiwavalile, ngikhuleka.

¹⁵¹ Futhi ngenkathi ngiphendula ikhanda lami, ukuba ngibuke, umbhobho wesibhamu wawuhamba *kanje*. Futhi ngasibuka, imizuzu embalwa, yena eyaluzisa umbhobho wesibhamu.

¹⁵² Waphenduka wayesebuka, nalawomehlo ebanda ayethathe okunye ukubuka. Izinyembezi zazehla ezihlathini zakhe. Waphosa isibhamu phansi. Wathi, “Billy, sengenele yikho. Ngiholele kulowoJesu okhuluma ngaye.”

¹⁵³ Kwakuyini na? Khona lapho kulolonqenqema lweqhwa, ngahola leyondoda enenhliziyo enonya...Iyidikoni ebandleni manje. Kwakuyini na? Yabona into eyiyo ngempela, into yangokoqobo, into eyayingesiyo isayense ethize yezenkolo noma enye into ethize yomlando. Yabona uNkulunkulu ebuqinisweni. Yilokho okwayilethayo.

¹⁵⁴ O, bangaki phakathi lapha abangathanda ukuba wuhlobo, kakhulu lomKristu, njengoba leyonyamazane idiye

yayingumama na? Impela, nesehlakalo sangempela ebusweni bokufa, ngiqonde ukusho njalo. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu.

¹⁵⁵ Baba waseZulwini, ihora selileyithi. Nabantu banakile. Bakahle, futhi balalele. Nalendatshana manje, Nkosi, ye... Ngisalukhumbula lolosuku lukaNovemba obandayo, ngimi phezulu lapho, nemimoya ithi ukuvunguza inqamula entabeni. Ngiyazibona lezozinyembezi ezicwebezelayo zehla kulezozihlathi ezinentshebe, ngenkathi engibamba ngomlenze. Wayesekhala, wayesethi, “Billy, ukhulumile kimi ngoThize oluthando, futhi ngi—ngibona ubuqiniso obuthize lapha.” Kunento ethize kuleyonyamazane idiye eyayiqhubela phandle lapho, Nkosi, futhi ngubumama bangempela phakathi lapho. Kwakuyisibonakaliso sangempela ukuthi kwakukhona uthando lwangoqobo nobumama.

¹⁵⁶ O Nkulunkulu, vumela iZwi laKho likhulume kulobubusuku, owangoqobo, owangoqobo uMoya oNgcwele. Hhayi into engamadlingozi, enomdlandla, okungukuthi iyiwo, futhi; kodwa into eyiyo ngempela, ngeZwi, ibonakalisiwe. “IZwi, elibukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, nelehlulela imicabango osenhliziyweni,” Wena owakhomba bonke abaprofethi baKho. Ngenkathi Wawusemhlabeni, Wababiza ngo “nkulunkulu.” Wathi, “Nabiza labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo ngo, ‘nkulunkulu,’ pho ningaNgilahlala kanjani uma ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?”

¹⁵⁷ O Nkosi, izwe liyabazi abalo, beliphuphuthekile yonke iminyaka. Futhi ngiyakhuleka, kulobubusuku, Baba, ukuthi Uzovula amehlo abantu, futhi masithi kulobubusuku sibe ngamaKristu angempela namakholwa angempela, ngokuba lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. Lapha kukhona omkhulu kunabo bonke abaprofethi. INdodana kaNkulunkulu uqobo lwaYo ilapha, esimweni sikaMoya oNgcwele. Ithembisa, “Okuncane, kuseyisikhashana, izwe lingabe lisangibona. Igama elithi *kosmos*, ‘ukuma kwezwe,’ lingabe lisaNgibona. Nokho, niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Futhi, Baba, Uthi U “nguwe izolo, namuhla, naphakade,” futhi siyazi yiQiniso. O, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoba nesihawu, kulobubusuku.

¹⁵⁸ Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Angazi noma ngabe, kulobubusuku, namakhanda ethu ekhotheme, ukhona onga... Ube qotho kuNkulunkulu manje, eBukhoneni baKhe. Ngaphambi kokuba ubone noma yini yenzeka, kodwa nokho uyazi enhliziyweni yakho ukuthi awusuye umKristu kakhulu ngokoqobo njengoba leyonyamazane eyidiye yayingumama. Nesizathu yayiyingumama yingoba yazalwa ingumama. Akukho eyayingakwenza ukuba ingabi yilokho. Yazalwa ingumama. Futhi manje uma ungaselwe, uma

ungenalo lolothando olufanayo ngoKristu; kungakhathaleki ukuthi ubani uthini, uyaMkholwa. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi uthanda ukuba nalolohlobo lothando lomKristu kuwe, njengalothando lukamama lwamvezela, ungathanda, namakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu manje, nawo onke amehlo evaliwe, uphakamise isandla sakho na? Uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham,” futhi ngempela ngizokwenza. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. O, he, qalazani kwiphansi lendlu, phezulu kovulande abasezitezi eziphezulu, kunqamule yonke indawo.

¹⁵⁹ Ungabi namahloni. Uma unamahloni ngaYe lapha, Wathi, “Ngiyakuba namahloni ngawe phambi kukaBaba neziNgelosi ezingcwele ngaleyonkathi.” UseBukhoni baKhe manje. Ulapha. Ulapha ngokoqobo, uMoya oNgcwele omkhulu. LeyoNsika yoMlilo eyayinoMose, ikhona lapha.

¹⁶⁰ Khumbulani, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Nguya kuNkulunkulu.” Base besho, ukuthi, “UMose washiya ingcebo yaseGibhithe, enaka ingcebo kaKristu ukuthi inkulu kunakho konke ukuthukwa kukaKristu, kukhulu kunayo yonke ingcebo yaseGibhithe.” Wangena ehlane noKristu. Futhi noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi leyoNsika yoMlilo yayiyiNgelosi yesiVumelwano, iZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu, elalinguJesu. Kwase kuthi-ke ngenkathi Efa, Wenyukela phezulu eZulwini. Futhi ngenkathi Ehlangana noSawulu, esendleleni ebheke eDamaseku, Wayesevele ephenduke wabuyela eNsikeni yoMlilo futhi, futhi Waze wakhapha ngisho namehlo kaPawulu ngokukhazimula.

¹⁶¹ Manje Ulapha, kulobubusuku, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Ungathanda ukuzibandakanya qobo lwakho phambi kwaKhe, uthi, “Nkosi Nkulunkulu, anginalo lolohlobo lwehlukalo. Ngifuna ukuba nalo”? Angikuceli ukuba wenyukele lapha. Ngikucela nje ukuba uphakamisele isandla sakho kuYe, uma uzizwela kanjalo. Ngabe bebhona abanye ongakasiphakamisi izandla zabo na? Phakamisani izandla zenu manje. UNkulunkulu anibusise.

¹⁶² Baba wethu waseZulwini, bangabaKho. Isayense ithi, ngokwesayense, singeke saziphakamisa izandla zethu. Amandla adonsela emhlabeni ayasehlisa. Kodwa kunoMoya kwabesilisa nabesifazane, futhi ba... Omunye uMoya ufika kubo, obunguMoya oNgcwele, wase uthi, “Phakamisa isandla sakho.” Futhi bawushaye indiva umthetho wamandla adonsela emhlabeni, base bephakamisela izandla zabo ngakuNkulunkulu, Owabenzayo, “Ngifuna ukuba ngumKristu wangempela.”

¹⁶³ Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza ngamunye wabo babe ngamaKristu angempela, ngeGama

likaJesu Kristu. BangabaKho, Nkosi. Ngangazi kancane kanjani, lolosuku lolo ngenkathi leyonyamazane encane idiye ihamba iphumela lapho kulolokhalo, yayizoba yimbangela yo...Kodwa kwakuyisibonakaliso. Kodwa, Wena wazi izinto zonke, ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobemukela manje. Bayimiklomelo yeVangeli. BangabaKho.

¹⁶⁴ Wathi, “Akekho ongabahlwitha enhliziyweni yaMi, nasesandleni saMi.” Futhi, Wena, Wathi, “Konke lokho okungokwaMi kungokukaBaba. Akekho ongabahlwitha esandleni saKhe.” UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 5:24, “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade; futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangen a ekuPhileni.” Nkosi, lelo yiZwi laKho. Manje, hhayi labo ozenzisayo; kodwa labo abakholwa ngempela, banokuPhila okuPhakade. BangabaKho, Baba. Ngibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁶⁵ Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela umzuzwana nje. Manje sekuyiso impela nje isikhathi sokuvala, kodwa lindani nje umzuzwana.

¹⁶⁶ Ngaphambi kokuba senze lokho, bangaki okholwayo ukuthi uJesu Kristu wethembisa ukuba nathi, lapho bekuhlangene ababili noma abathathu eGameni laKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki okholwayo ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [“Amen.”] Bakhe, Uyoba yi... Ukuba Ubelapha, kulobubusuku, Ubeyoba njengoba Wayenjalo nje ngaleyonkathi. Ubeyokwenza into efanayo. IBhayibheli lasho, ukuthi, “UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Wena...Kunjalo na? [“Amen.”] ITestamente eLisha, amaHeberu, isahluko 3. “UmPristi oMkhulu onokuzwelana nobethu ubuthak-...nobuthakathaka bethu.” Manje yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Manje kholwani nje, ngempela, ngayo yonke inhliziyu yenu.

¹⁶⁷ Nani laphaya manje, enilaphaya kulezizethameli, onga... ogulayo. Nibangaki ogulayo, phakamisa isandla sakho, thana nje, “Ngiyagula.” Manje phansi impela nje, ngokuthula ngempela manje, wonk’umuntu.

¹⁶⁸ Manje khuleka, uthi, “Nkosi Jesu, uMfowethu Branham akangazi, kodwa akushilo kulobubusuku, ‘Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni,’ futhi ngiyazi ukuthi lokho kuprofethwe ukuthi kuzobuya. Kade kungekho ezweni amakhulu ngamakhulu eminyaka, nezinkulungwane zeminyaka. Kodwa Wena wethembisa ukuthi kwakuzobuya futhi ngezinsuku zokugcina, ngokukaMalaki 4, futhi kwethenjiswa kuLuka oNgcwele 17 nazo zonke lezi ezinye izithembiso. Wathi kwakuzoba lapha ‘lapho iNdodana yomuntu izembula Yona uqobo,’ ngoba kuzofanele kube yiZwi. Isizathu i...”

169 “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” “NeZwi lehlulela imicabango.” KwakuyiZwi kubaprofethi. KwakuyiZwi eNdodaneni. YiZwi kini, namhlanje. Niyabo, iZwi! Kuprofethiwe, kwethenjiswa. Nakuba nithola okuningi ukuzifanisa nabanye abantu, omningi umncintiswano wokwenyama, lokho akukususi kuLo, kwelangempela. KunoMoya oNgcwele wangempela, uNkulunkulu wangempela.

170 Manje kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu, futhi nibheke ngapha, kimi. Futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu, bese nithi, “Nkosi Nkulunkulu, ngizokhuleka, futhi ngikhulekela ukuthi—ukuthi Uzokwembula kuMfowethu Branham. Futhi mangithinte ingubo yaKho. Bese Wena uphenduke, ngaye, ngoba Akangazi mina, bese engitshela ukuthi iyini inkathazo yami. Futhi manje-ke ngizokwazi ukuthi uBukhona baKho bulapha.”

171 Bangani, niyazi ukuthi yini indaba ngabantu bePentecostal na? Babone okuningi kakhulu.

172 Itiloseli elidala, ngoluny’usuku, lalivela olwandle, lase lithola umbhali eya olwandle. Netiloseli elidala lathi ku—kumbhali, lathi, “Uyaphi, mlisa wami olungileyo na?”

173 Wathi, “Ezansi olwandle. O, ngifuna ukunuka amanzi alo olwandle anosawoti. Ngifuna ukubona izibhakabhaka zalo ezil’hlaza, amafu amhlophe, izinyoni zolwandle.”

174 Wathi, “Ngazalelwa kulo, eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlula. Angiboni lutho olukhanga kangako ngalo.” Yilokho-ke. Lalibone okuningi kakhulu kwalo, lwaze lwejwayeleka.

175 Yileyo indaba ngathi thina bantu. Sibone okukhulu kakhulu kukaNkulunkulu! Lelibandla eli—elikade libizwe laphuma emaqenjini amahlelo ngezinsuku zokugcina, libone okuningi kakhulu kwaLo, selize Lijwayeleke kakhulu. Nivele ningaLinaki nje.

176 Ungakuvumeli neze ukuba uKristu abe ngojwayelekile kuwe, mngani. Ungakwenzi neze lokho. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho nangakho konke okukuwe. Manje yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

177 Manje khulekani nje, futhi nivumele iNkosi uJesu iniphe khona. Manje thintani ingubo yaKhe nje. Angazi. Thintani Yena. Angathintwa.

178 Manje khulekani nje manje. Angisho ukuthi Uzokwenza. Umzuzwana nje uzokuxazulula konke. Velani nje—nje—nje nithi ukuba nezinhliziyo zenu zigxile kuYe.

179 Manje, KungukuKhanya. Makungabikho-muntu othatha isithombe, isithombe esiphazimayo. Hloniphani ngokuzithoba nje.

¹⁸⁰ Manje Nakhu. Kuphezu kowesifazane ohlezi lapha engibuka, khona lapha ekugcineni, khona lapho. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe. Awungazi. Angikwazi. Kodwa uma uNkulunkulu ezochaza kimi, njengoba Enza nje kowesifazane, umtshela ngomopho wakhe, noma—noma owesifazane owayenamadoda amahlanu; uma iNkosi uJesu izo—izohlinzeka lololwazi kuwe, ngami, ungakukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Kulungile. Yinkathazo yesinye. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. Ehhe! Niyabo? Manje, lokho kunjalo impela.

¹⁸¹ Lapha, wena ohlezi eceleni kwakhe. Ubuzomsiza. Umthinte ngesandla sakho. Manje ube nomusa, manje, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uyakholwa ukuthi Angakwenza na? Ibhiphi ephakeme. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

¹⁸² Indoda ehlezi eceleni kwakhe, uyakholwa, mnumzane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Imithambo eyimiqhansa. Uyakholwa na?

¹⁸³ Inenekazi elincane lihlezi lapho, elithi ukukhala, sengathi, inkathazo yakho ngukuguliswa yimizwa. Kunjalo impela. Uthi ukusibekelwa, uphela amandla ngesikhathi sasemini, ucabanga ukuthi ulahlekelwa yingqondo yakho. Udeveli uzama ukukutshela lokho. Kodwa, awunjalo. Sekuphelile konke, kusukela kulobubusuku, manje. Uyabo? Unokunqoba. Sekusukile kuwe. Ithunzi elimnyama, ebeliphezu kwakho, selisukile kuwe.

¹⁸⁴ Ubukhala izinyembezi lapho, uhlezi eceleni kwakhe, nenekazi. Ku, kukuxhuxhumisile. Manje uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Lokho kukhuba abanye abantu, niyabo. Ngakho, wena, angikwazi. Siyizihambi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Kulungile. Unenkathazo yenhliziyi, inkathazo yenso, futhi unokuphaphatheka kwegazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

¹⁸⁵ Lelinenekazi elincane lihlezi lapha, lithe ukuzimuka, ligqoke ingubo enemishwe ebomvu nemnyama. Liyakhuleka. Lifuna ukubizelwa kulomugqa. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Umngani wakho uzolunga. Inkinga yokomoya izolunga. Nenkathazo yakho yabesifazane izosuka kuwe, uma uzomkholwa uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyi yakho. Manje, uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uma kuyilokho obukhuleka ngakho, phakamisa isandla sakho ukuze abantu bakwazi ukubona ukuthi wenzani. Uyabo? Kulungile.

¹⁸⁶ Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. Omunye emuva... Awudingi ukuba uhlale lapha ngaphambili. Emuva le; kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

¹⁸⁷ Emuva le lapho, kunowesifazane. Unesimila eceleni kuye. Uyakhuleka. Kuzohamba kuye.

Nkosi Nkulunkulu, ngisize, ngiyakhuleka.

¹⁸⁸ Nkk. Goodman, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzosisusa lesosimila eceleni kuwe na? Kulungile. Thatha isinyathelo, phakamisa isandla sakho siye phezulu, ukuze abantu bakwazi ukukubona. Ngiyisihambi uqobo, angikaze ngimbone. Nango. Ngabe lezozinto ziqinisile na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

¹⁸⁹ Inenekazi lihlezi laphaya, laphaya ngasekugcineni lapho, liphethwe yinkathazo yenyongo. Kanti lona, futhi, linesifo sikashukela, inkathazo yenhliziyo. Nkk. Holderfield, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, nenekazi, futhi ungaphiliswa lapho manje.

¹⁹⁰ Sizani ningalokhu niyaluza, bantu. Ngi—ngiyanicela, eGameni likaKristu, ningakwenzi lokho. Niyabo, izifo zisuka komunye ziye komunye. Niyabo? Ukungakholwa kuyinto enyanyeka kakhulu ukwedlula yonke into ekhona ezweni. Yiba nokukholwa nje.

¹⁹¹ Nanti inenekazi elincane lihlezi lapha, likhuleka mayelana nomyeni walo. Uyaphuza. Kunjalo. Wena ukhulekela ukuthi uzoyeka ukuphuza. Lokho akunjalo na? Kulungile. Angikwazi. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi; ukukholwa nje onakho. Uthinte Into ethize. Uqhele ngamashumi amabili noma amafidi angamashumi amathathu kimi. Uthinte umPristi omkhulu.

¹⁹² Inenekazi elincane emva kwalapho likhuleka mayelana nomyeni walo, futhi, lihleli emva kwakhe. Kunjalo. Umyeni wakho uyindoda enokuguliswa yimizwa, uhlobo olusengathi ukuguliswa yimizwa kwengqondo. Uyageja khona manje. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Futhi unokuthile okungalungile esandleni sakho. Unesimo esigulisanayo, enye into ethize. Futhi uthinta izinto, kwenza izandla zakho zibe kabi. Lokho akunjalo na? Nkk. Patty yigama lakho. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Amen. Niyabo? Ngikucele ukuba ungikholwe.

¹⁹³ Kuthiwani-ke ngalelinenekazi elihlezi lapha na? Unomaka ebusweni bakho, njengomdlavuza wesikhumba omncane. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa? Angikwazi. Uyisihambi kimi. Lokho akusikho ncamashi okhuleka mayelana nakho. Ukhuleka mayelana nenkathazo yenhliziyo onayo. Kunjalo. Kunjalo na? Lelinenekazi lihlezi lapha. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho ukuphiliswa kwakho. Umyeni

wakho ukutholile okwakhe izolo ebusuku, kungani kungabi nguwe na? Owesifazane owayengumshumayeli. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi u. . . Manje, uyabo, ukuze nje wazi. Ubuthe ukubuza engqondweni yakho, uyabo. Manje uyeneliseka, awuneliseki, ukuthi Kuyakwenza na? Kulungile. Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

¹⁹⁴ Ucabangani ngalesosifo sikashukela, mnumzane, uhlezi lapha nesandla sakho siphakeme na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isifo sikashukela futhi akusindise na? Uyakholwa na? Kulungile, mnumzane, uNkulunkulu angakuphilisa.

¹⁹⁵ Uyisihambi kimi, nawe. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho! Kunendoda ehlezi lapho, enenkathazo yenhliziyi, kukhona okungalungile ngeqolo layo. Mnu. Easter. Walimala engozini yesitimela, lokho kwabangela lokho. Uma lokho kunjalo, sukuma, uJesu Kristu uzokuphilisa futhi akusindise.

¹⁹⁶ Bangaki kini abakhulwayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. Niyakukholwa na? [“Amen.”] UJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade, ushwibeke wayothi ngqu endlini yonke. Seniyakholwa manje ukuthi Ulapha na? [“Amen.”] Ukhona lapha manje. Lobo ngubuqiniso. Yilokho impela Athi kuyokwenzeka, “Lezizinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza; eziningi kunalokhu niyakukwenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi.” Ngesinye isikhathi owesifazane waMthinta, Waphela amandla kakhulu, Wathi, “Kuphele amandla kiMi,” futhi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Mina ngiyisoni, esisindiswe ngomusa waKhe. “Eminingi kunalona niyakuyenza.” Ngiyazi iKing James ithi, “emikhulu kunale.” Kodwa kwelokuqala, kuthi, “*Eminingi* kunalona niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi.”

¹⁹⁷ Manje niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? [“Amen.”] Pho yini ningabeki izandla zenu phezu komunye nomunye, nina makholwa, bese ukhulekela umuntu ongumfo wakho ohlezi eceleni kwakho. Ngamunye wenu bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bese ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje lapho ukhuleka. Khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni. Ukholve ngendlela obukholwa ngayo njalo. Manje vumela lowoMoya kaNkulunkulu, okwenze umKristu, ubemkhulu impela nje futhi ube ngowobukhosi kuwe njengoba ukhulekela lowomuntu, ukuthi njengoba leyonyamazane eyidiye elingumama kuyo ingumama, lowoMoya kaKristu othembekile olapha manje.

198 Lokho, izwe elingakukholwa. Izwe liyaLizonda. Izwe aliLiqondi. IBhayibheli lathi babengezukuphila. Izwe liyabazi abalo.

199 NoNkulunkulu uyabazi abaKhe uQobo. UNkulunkulu wakwethembisa. YiQiniso. Ngakho ngisize, yiQiniso! “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

Khulekani manje.

200 Nkosi Jesu, lapha kubekwe amany’amaduku abekwe lapha, lokho ngokwabagulayo nabahluphekile, futhi ngibeka izandla zami phezu kwawo. Ngoba, siyafundiswa eBhayibhelini ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu amaduku nezindwangu, nemimoya emibi yaphuma kubantu, futhi baphiliswa ezifweni. Manje asisuye uPawulu oNgwele, kodwa Wena usalokhu unguJesu. Futhi ngikhulekela ukuthi uzohlonipha lawa, ngalababantu abangakwazanga ukuba semhlanganweni.

201 Kwangathi, uma ebekwa phezu kwabantu, kwangathi kungafezeka, njengoba omunye wababhali washo ngenkathi u—ngenkathi uLwandle oluBomvu lungena endleleni yabantwana bakwaIsrayeli, “UNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukuthele, nolwandle lwesaba ngoba lwalumi endleleni yendlela yezinyawo yomsebenzi, kumakholwa, nolwandle lwahlehla nama—namakholwa awelela ngaphesheya ezweni elithenjisiwe.”

202 Nkosi Nkulunkulu, buka phansi ngeGazi leNdodana yaKho, uJesu Kristu, kulobubusuku, phezu kwalamaduku, phezu kwalezizethameli lapha, nezandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye, bekhulekelana. Wena wathi, “Vumani izono zenu omunye komunye, nikhulekelane, ukuba niphilise. Ngokuba, umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu.”

203 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba um—umKristu ovumile kulobubusuku ekhulekela umuntu abeke izandla zakhe phezu kwakhe, kwangathi Amandla kaMoya oNgwele angehlala phezu kwalowomuntu. Kwangathi uMoya ungaphilisa kubo, Nkosi, ubuqiniso. Kwangathi bangekugeje, Nkosi. Mabangafani nento ethize ezogaja lokhu, Baba. Kwangathi iBirmingham ingabamba umbono wayo manje, woBukhona bukaJesu Kristu ovukileyo, omkhulu kunabo bonke abaprofethi, omkhulu kunabo bonke abashumayeli, omkhulu kunabo bonke ophapha noma amakhosi anamandla, kumbe noma kungahle kube yini. NguJesu Kristu, “onguyena izolo, namuhla, naphakade,” eziqinisekisa Yena uqobo ngezinsuku zokugcina, ngeZwi laKhe elithenjisiwe. Siphe khona, Nkosi. Ngikhuleka lokhu ukukholwa, umkhuleko wokukholwa, wabo, njengoba bekhulekelana. EGameni likaJesu Kristu, siwethula kuWe.

204 Manje ngamunye wenu, njengoba nibeke izandla zenu phezu komunye, manje valani amehlo enu nje, futhi nikhumbule: uKristu othembise lokhu, uze lapha futhi waziqinisekisa Yena.

205 Yebo, ngibone indoda iphiliswa khona lapho, ineTB, ihlezi khona emuva lapha phambi kwami. Manje uma nje u... Kuyaqhubeka nje ndawo zonke, ndawo zonke endlini. Impela uma uNkulunkulu...

206 Umuntu angasho noma yini; lokho akukwenzi kube njalo. Kodwa uma uNkulunkulu ehla futhi akusho, futhi akuqinisekise futhi akufakazise ukuthi kuyiQiniso; ukukukholwa ngokungesikho, kuyisono esingenakuthethelelwa. UJesu wathi, “Akusoze kwathethelelwa, kulelizwe noma ezweni elizayo.”

207 UmBhalo uthembisa lokhu, futhi nakhu kuqinisekiswa phambi kwenu ngqo. Bantu, eGameni likaJesu Kristu, Memukeleni Ese—Eselapha ebukhoneni bethu kulobubusuku, sisenaYe. Nizokukholwa na?

208 Futhi wonke lowo okukholwa ngeqiniso futhi oMemukela njengoMsindisi wakho, noma njengomphilisi wakho, ungama ngezinyawo zakho ukuba unikeze ubufakazi, “Ngizoma njengobufakazi. Ngikholwa ngeqiniso, futhi manje ngemukela ukuphiliswa kwami, insindiso yami. Nazo zonke izidingo zami, eBukhoneni bukaKristu, manje ngiyakwemukela.”

209 He, bukani indlu yonke, cishe impela lonke ibandla limi le. Kuyamangalisa! Lokho kuhle. Manje kukuyo yonke indawo, uma nizokukholwa. “Uma ukholwa!”

210 Manje asivale amehlo ethu futhi siphakamise izandla zethu, futhi sicule, “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala.” AsiMnike udumo njengoba sicula manje, sicule kuYe lezizindumiso.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
Emthini waseKalvari.

211 Asiphakamise izandla zethu, bese sithi, “Ayidunyiswe iNkosi!” [Ibandla lithi, “Ayidunyiswe iNkosi!”—Umhl.] Ayidunyiswe iNkosi! [“Ayidunyiswe iNkosi!”] Ayidunyiswe iNkosi! [“Ayidunyiswe iNkosi!”]

Ng’yaMthanda, (wonk’umuntu)
ng’yaMthanda,
Ngoba...

212 Ngicabanga ukuthi uzobakhipha, Mfowethu Urshan. [Omunye uthi, “Kuthiwani ngalabo abebefuna ukusindiswa na?”] Ngizobacela beze ngaphambili.

Wang’thengel’insindiso
WaseKalvari...

213 Manje kothamisa ikhanda lakho umzuzwana nje. Upiyano, umshayi we ogani nomshayi wopiyano qhubekani ngqo.

214 Angazi noma, kulobubusuku, ukuhlabeka kwakho ngabe kusakholwa yini. Angazi noma ngabe niyakholwa yini ukuthi uNkulunkulu Ongangitshela imfihlo enhliziyweni, ukufakazisa lokho... Akadingi ukuba enze lokho, manje, kodwa Wathi Uyokwenza. Ngenkathi uJesu efika okokuqala, Akadingekanga ukuba aphilise, kodwa Wathi Uyokwenza. “Futhi Wakwenza ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa ngomprofethi.” Futhi Uyakwenza kulobubusuku ngoba abaprofethi bathi Uyokwenza, noJesu wathi Uyokwenza, naye.

215 Manje angazi noma wena, ofuna lolothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho njenge—njengenyamazane engumama oyidiye ayenaloo ngengane yakhe, ufuna lolothando enhliziyweni yakho lukaKristu, futhi uyakholwa ukuthi Uzowuzwa umkhuleko wethu, ungeza ume lapha sisakukhulekela. Sisacula lelo kanye futhi, wenyukele lapha nje ngqo. Wenza ukuvuma emphakathini-ke, phuma nje ngqo bese uma ngapha. Uma ukukholwa, umkhuleko, umkhuleko wami uzokusiza, yenyuka ngqo sisacula leli futhi.

216 “Ngi...” Manje fakazisa ukuthi uyaMthanda, ngokuza. “...Yena, ngi...” UNkulunkulu anibusise.

Ngoba Wangithanda kuqala

217 Futhi yehlani niphume kuvulandi osesitezi, futhi sizonilindela. Kunjalo. “...kwami...” Uma niqotho ngempela, wozani manje.

...-vation
Emthini waseKalvari.

218 “Ngi...” Abantu bayasuka kuvulandi osesitezi, uyehla. Wonk’umuntu akacule manje. “Ngi...” Qondani nje ngqo ezikhaleni zezihlalo, nomaphi, wozani ngqo.

Ngoba Wangithanda kuqala...

219 Khumbulani, uNkulunkulu oyohlangana nani ekwaHlulelweni, uhlangane nani lapha ebandleni kulobubusuku.

...nsidiso yami
WaseKalvari...

220 Angazi noma bonke abefundisi lapha, okhathalele imiphefumulo elahlekile, osalokhu enombono ngabantu abadingayo, uma nizokwenyuka manje phakathi kwabantu; nonke nina befundisi phakathi lapha, wonke umfundisi okholwayo ukuthi uNkulunkulu usazolokhu esindisa isoni. Ningahle nibone enye yezinto ezinkulu kunazo zonke yenzeka njengamanje, esenake nayibona. Yilokhu uMoya oNgcwele okuthandayo.

Ng’yaMthanda...

221 Manje kufakaziseni. Fakazisani ukuthi nikhathalele, niyaMthanda. Uma nithanda okwaKhe, Yena, nithanda abantwana baKhe.

...Mthanda
Ngoba...

222 Manje ziphicele wena phakathi kwalababantu lapha! "...thanda..." Wozani nje nenyuke ngqo bese niba phakathi kwabantu, ngqo kanje, bese uzifaka wena ngqo bese ubeka izandla zakho phezu kwabo. Futhi yenyukela ngqo lapha manje, sizokhuleka. Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uzothululelwa phezu kwabantu, kulobubusuku, khona lapha ezethamelini.

...waseKalvari.
O, ngimthanda kangaka uJesu,
Thandana naYe; ungalifunda iZwi laKhe.

Futhi ngimthanda kangaka uJesu,
O, kangaka...

223 Manje valela izwe lidede kuwe manje. Valela lonke izwe lidede kuwe. Uyabo?

Ngoba Wangithanda kuqala.
O, ngikangaka... (kuyamangalisa)
O, kangaka...

224 Manje, befundisi, thola omunye kokwakho... Ngicine manje. Befundisi ngenani ngqo, ngenani ngqo nizungeze abantu.

O, ngimthanda kangaka uJesu,
Ngoba Wangithanda kuqala...

225 Manje Umi lapha. Wazi yonke into esehliziyweni yakho. Awucabangi ukuthi Uyakwazi lokho na? Khona lapha, bekungesiyo imfihlo. Uyazi nje ukuthi iyini ingxoxo yakho, ukuthi uchaza ukuthini.

226 Manje asikhothamise amakhanda ethu, ngamunye, kuzo zonke izethameli, nina eningakwazanga ngisho nokuthi nifinyelele lapha. Manje asikhuleke.

227 Ngamunye wenu vumani nje lonke iphutha lenu, vumani konke ukungakholwa kwenu. Nithi, "Nkosi Jesu, mhlawumbe ngake ngaba ngowesonto, kanye. Ngaya esontweni, kodwa angizange ngeneliseke. Kwakunento enye... O, ngingahle ngibe nakho, ngingahle ukuba ngimemezile. Ngingahle ukuba ngikhulume ngezilimi. Mina, ngingahle ukuba ngijoyine isonto." Zonke lezozinto, zikahle. Angiphambene ngalutho nalokho, kodwa lokho akusikho engikhuluma ngakho.

228 Ngikhuluma ngothando lukaNkulunkulu ngempela oluphansi lapho. Lowo nguMoya oNgcwele. Yilokho-ke. Futhi nifuna lokho, into evuthiwe, ezokwenza iZwi likaNkulunkulu liphile ngawe nje futhi lisebenze ngawe. Uyabo, kungekho

zimpande zokubaba emgudwini, uMoya oNgcwele ugeleza nje ngawe ngqo. Yilokho okufunayo.

²²⁹ Manje khotamisa ikhanda lakho futhi ngenhlonipho yokuzithoba ukhuleke. Nani befundisi bekani izandla zenu phezu kwabo manje.

²³⁰ Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe, kulobubusuku, lezizethameli zabantu omi lapha enza ukuvuma, bazi ukuthi bebenephutha. Kukhona, mhlampe, izinjongo nezimpokophelo, futhi, bekusephutheni. Kodwa, kulobubusuku, bezile, bekhulwa, bekhulwa ukuthi Uzothethelela zonke izono. Abaningi babo uye esontweni, iminyaka. Abaningi babo we—wenze izenzo ezinkulu zokuba nozwelo kwabanye. Kodwa, Nkosi, kulobubusuku bafuna ubuqiniso, bafuna lobobumnandi, leyo—leyonto abashoda ngayo ezimpilweni zabo, lowoMoya oNgcwele kaNkulunkulu ongena lapho, isimo seZwi.

²³¹ Nezinceku zaKho, abefundisi, izinceku zaKho, banezandla zabo zibekwe phezu kwabo. Futhi siyabakhulekela, lomkhuleko, futhi siyacela, Nkosi, ukuthi lokhu kuzoba yisikhathi ukuthi ayikho enye indlela kodwa phansi ngqo enhliziyweni yabo, kuyokwenzeka ngesinye isikhathi, kuze kube phakade, eBukhoneni baKho, kuxazululwe khona manje. Kwangathi uMoya oNgcwele ungangena ezimpilweni zabo njengamanje futhi ubenze babemnandi, Nkosi, no—noJu olukhulu lwaseZulwini. Futhi ubaphe isehlakalo esiyoba yisehlakalo esingunaphakade, ukuthi uBukhona obukhulu bukaNkulunkulu ophilayo bungangena ngesibindi ezimpilweni zabo futhi uzobanika lokho abakudingayo njengamanje. Siphe khona, Nkulunkulu waPhakade. BangabaKho. Ngibethula kuWe, njengezipho zothando, futhi njengemihlatshelo njengoba benza lapha. Futhi kwangathi nje uMoya oNgcwele ungakwenza kube yikho ngempela kubo manje. Nkulunkulu, siphe khona, eGameni likaJesu.

²³² Umelusi wenu uzokhuleka. [Umfowethu uyakhuleka—Umhl.] Yebo, Nkosi. Yebo, Nkosi. Siphe khona.



IZIBONAKALISO ZANGOKOMBHALO ZESI KHATHI ZUL64-0410
(Scriptural Signs Of The Time)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa ngo Apreli 10, 1964, eNational Guard Armory, eBirmingham, eAlabama, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org